

Iqoqo Lezindaba

ISIZULU


ULIMI LWASEKHAYA

ITHEMU 1 & 2



IBANGA
2





Iqoqo Lezindaba

IBANGA 2 | ITHEMU 1 & 2

ISIZULU

**Copyright © 2026 National Educational
Collaboration Trust (NECT)**

This work is licensed under a **Creative Commons
Attribution–NonCommercial–NoDerivatives 4.0
International License (CC BY-NC-ND 4.0)**.

Additional permissions beyond the scope of this license
may be available. For further information, please
contact the publisher at **materials@nect.org.za**.

First edition, 2026



ITHEMU 1



IBALAZWE LASENINGIZIMU AFRIKA



Izinkukhu
ezintsha zikaThuli



iNyakatho Kapa



Umacashelana



ULesego uzizwa
engakhululekile



iNtshonalanga Kapa

Ulwandle
lwe-Atlantic





iLimpopo



Idayari kaMandu
eyimfihlo



UTimeo usiza
umndeni wakhe

iGauteng

iMpumalanga

iNyakatho
Ntshonalanga

iFree State



UMarie
uyonga



Usuku olubi
lukaZama

KwaZulu-
Natal



Isehlakalo esijabulisayo
sikaCandice noCarla

i-Eastern Cape



Ulwandle
lwaseNdiya

ITHEMU I IZINDABA



1. UMarie uyonga

1



2. Izinkukhu ezintsha zikaThuli

13



3. Isehlakalo esijabulisayo sikaCandice noCarla

27



4. UTimeo usiza umndeni wakhe

41



5. ULesego uzizwa engakhululekile

55



6. Usuku olubi lukaZama

67



7. Idayari kaMandu eyimfihlo

81



8. Umacashelana

93

INDABA 1

UMARIE

UYONGA

Indikimba: Sibeka imigomo



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi ukuthi bafunde kabanzi ngokusebenza uye enhlosweni oyibekile.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Kule ndaba, uMarie uzibekela inhloso yokuthenga ibhayisikili elisha.
- UMarie uyasebenza bese onga imali yakhe ukuze afeze inhloso yakhe.
- Le ndaba ifaka ukuhlunganisa nokususa imali. Lokhu kukhombisa abafundi isibonelo sangempela sokusebenzisa amakhono ezibalo ukuxazulula izinkinga.



Isu lokuqondisisa: Buka ngeso lengqondo

- Kuyini: Ukwakha isithombe emqondweni ngalokho okwenzekayo endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwenza indaba izwakale iyikho futhi ibe nentshisekelo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza uqonde ukuthi abalingiswa nezindawo babukeka kanjani futhi kwenza indaba ibonakale icace bha.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
8, 2	“Bheka, Marie!” kusho uBusi, “Manje usunemali eyanele yokuthenga ibhayisikili lakho futhi kuzoba nemali ezosala!”	Ngibuka ngeso lengqondo uMarie noBusi begxumagxuma ngokujabula lapho bebona i-R100. Manje uMarie usenemali eyanele ukuthenga ibhayisikili lakhe!
9, 1	NgoMgqibelo olandelayo uMarie noyise baya esitolo bayothenga ibhayisikili elihle eliphuzi. Yena noBusi bagibela amabhayisikili abo amahle usuku lonke, kwaze kwahwalala!	Ngibuka ngeso lengqondo ukuthi amantombazane ajabule kangakanani ukugibela ndawonye! Ngibuka ngeso lengqondo sebemamatheka behleka njengoba beshova kanyekanye.

Umngane kaMarie nguBusi. UBusi wayenebhayisikili elibomvana elihle kakhulu. Nsuku zonke uMarie wayefisa sengathi angaba nalo naye khona bezowagibela bobabili.

Ngolunye usuku uMarie esesitolo wabona ibhayisikili eliphuzi, elifana ncamashi nelikaBusi. Lalibiza ama-R200. “Ngiyacela baba, ungangithengela lona?” wazicelela.

“Ngizokhokha ingxenye yemali,” kusho uyise kaMarie. “Wena kufanele usebenze, wonge imali yokukhokha ingxenye esele ngokwakho!” Uyise wamnika i-R100.

Ngesikhathi uMarie efika ekhaya, wabeka imali edroweni ngokuphephile wase ecabanga, “Ngizolithola kanjani elinye i-R100 ukuze ngithenge ibhayisikili lami eliphuzi?”



Ngakusasa, uBusi wafika ngebhayisikili lakhe elihle elibomvana. UMarie waxoxela uBusi konke okukhulunywe nguyise. “Uma ngingonga imali eyanele, sizokwazi ukugibela sobabili!” kusho uMarie.

“Nginesu!” kusho uBusi. “Asisebenze engadini, mhlawumbe ubaba wakho angasikhokhela.” UBusi noMarie baya kuyise kaMarie.

“Baba, ungasikhokhela uma singakusiza engadini?” kubuza uMarie.

“Kungakuhle lokho!” kusho uyise kaMarie. “Ngidinga usizo olukhulu lapha engadini! Ngizonikhokhela ama-R20 umuntu ngamunye nsuku zonke uma ningisiza,” kusho yena.



UBusi noMarie basebenza usuku lonke. Ngenkathi sebewuqedile umsebenzi wosuku, ubaba wabanika ama-R20 umuntu ngamunye. UBusi eyakhe wayinika uMarie. “Kuzoba mnandi kakhulu uma nawe usunelakho ibhayisikili,” kusho uBusi.

“Maye! Ngiyabonga Busi.” kusho uMarie.

UMarie waya egunjini lakhe. Wabeka ama-R40 kanye ne-R100. “Sengine-R140 manje!” kucabanga uMarie. Ngemuva kwezinsuku ezimbalwa nje ngisebenza ngizobe sengikwazi ukuthenga ibhayisikili lami elisha.



NgoMsombuluko, sebebuyile esikoleni, uBusi noMarie babedlala egcekeni. UMarie wezwa umsindo ongajwayelekile. “Lalela!” kusho yena. “Uyakuzwa lokho?” UBusi wabheka phansi. Wabona ikati libambeke ocingweni.

“Hawu bandla!” kusho uBusi. “Leli kati libambekile!” UMarie waguqa walisiza ukuze likhululeke. “Ikati lenkosi bakithi!” kusho uMarie.

UBusi wagona ikati, futhi waliphulula ukuze alehlise ukwethuka.

“Sizokwenza njani?” kubuza uMarie. “Ngiyacabanga ukuthi kukhona ocinga yonke indawo, efuna leli kati!”





Khona manjalo, babona iphosta inanyathiselwe esihlahleni. Yayinomfanekiso waleli kati abalitholile kanye negama elithi “LILAHLEKILE” ebhalwe ngokubomvu. Babhala phansi inombolo yocingo. Bagijima baya kubo kaBusi. Unina kaBusi wabavumela ukuthi basebenzise ucingo bashayele inombolo abayithole ephosteni.

Ngemuva kwalokho, kwafika uBrenda ezolanda ikati lakhe. Ngesikhathi uBrenda esehamba, wakhapha i-R100 esikhwameni sakhe semali. “Ngiyabonga ukungitholela ikati lami,” kusho uBrenda, enika uBusi imali.

“Bheka, Marie!” kusho uBusi, “Manje usunemali eyanele yokuthenga ibhayisikili lakho futhi kuzoba nemali ezosala!”





NgoMgqibelo olandelayo uMarie noyise baya esitolo bayothenga ibhayisikili elihle eliphuzi.

Yena noBusi bagibela amabhayisikili abo amahle usuku lonke, kwaze kwahwalala!





Ukufunda 1

Ngubani owanika uMarie imali?

Uyise, uBusi, noBrenda (umnikazi wekati).

Wayedinga malini uMarie ukuze athenge ibhayisikili elisha?

Wayedinga i-R200.

Kungani uMarie wayefuna ukonga imali yakhe?

- Yingoba wayefuna ukuthenga ibhayisikili.
- Yingoba wayefuna ukuthenga ibhayisikili elifana nelikamngane wakhe uBusi.
- Yingoba wayefuna ukugibela ibhayisikili kanye nomngane wakhe uBusi.
- Yingoba uyise wathi uzokhokha enye ingxenye naye.



Ukufunda 2

Wayithola kanjani uMarie imali?

- Wasebenza engadini.
- UBusi wasebenza engadini wase enika uMarie imali yakhe.
- Bathola ikatshana wase umninilo ebanika umvuzo.

Ingakanani imali engaphezulu amantombazane aba nayo?

Amantombazane aba nama-R40 ngaphezulu.

Kungani uBusi anika uMarie imali yakhe?

- Ngoba wayefuna ukusiza umngane wakhe ukonga imali yebhayisikili.
- Ngoba wayesenalo yena ibhayisikili.
- Ngoba engumngani omuhle futhi osizanayo.
- Ngoba kumnandi kakhulu ukugibela amabhayisikili nomngane wakho.



INDABA 2

IZINKUKHU

EZINTSHA ZIKATHULI

Indikimba: Sibeka imigomo



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi ukuthi baqonde kangcono ukuthi bangayihlela, futhi uyibeke kanjani imigomo, nokuthi bangayifeza kanjani.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ngokujwayelekile, ukuze sifeze imigomo, kudingeka uhlelo. Kule ndaba, uGogo wenza uhlelo futhi ulandela izinyathelo aze aphumelele.
- Ukuze aqale ibhizinisi lakhe, uGogo usebenzisa izinsiza ezimzungezile futhi ucela usizo emndenini wakhe. Ungumuntu oxazulula izinkinga futhi ungusomabhizinisi!
- Ngokubuka uGogo, uThuli ufunda ukuthi angaliqala kanjani ibhizinisi elincane.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
15, 1	UThuli nogogo wakhe babenesikhukhukazi esihle esinsundu egcekeni. UThuli wayesibiza ngoHennie. Njalo ekuseni, uThuli wayephuma aye egcekeni ezama ukuthola iqanda lesidlo sasekuseni.	Ngiyacabanga ukuthi awekho amaqanda anele okuthi uGogo adle ekuseni – kukhona iqanda elilodwa kuphela likaThuli.
20, 3	“Ungalithinti iqanda!” kusho uGogo ngobumnene. “Kufanele azizwe ephephile futhi evikelekile ehhokweni ukuze angawashiyi amaqanda akhe!”	Ngiyacabanga ukuthi ugogo wakhe wazikhulisa izinkukhu zamaqanda phambilini, ngoba kubonakala sengathi uyakwazi kahle ukuthi kufanele enzeni.

UThuli nogogo wakhe babenesikhukhukazi esihle
esinsundu egcekeni. UThuli wayesibiza ngoHennie.
Njalo ekuseni, uThuli wayephuma aye egcekeni ezama
ukuthola iqanda lesidlo sasekuseni.



Ugogo kaThuli wayesethathe isinqumo sokuthi ufuna ukuqala ibhizinisi lamaqanda. Wenza izibalo wathi uma bengaba nezinkukhu eziyishumi nambili, bangathola okungenani amaqanda ayisishiyagalolunye ngosuku. Lokho, kwakuzobenza bakwazi ukugcina amaqanda amane ukuze bawadle ekuseni, bese bedayisa amahlanu asele.

“Asinayo imali yokuthenga izinkukhu eziyishumi nambili,” kusho uGogo kuThuli, “kodwa nginalo icebo.”



UGogo waboleka iqhude likaMalume uNdumiso.
UGogo kaThuli wachaza ukuthi manje amaqanda abo
asengachamisela abe ngamachwane.

UThuli wazizwa edumele kancane ngoba wayengeke
esakwazi ukudla amaqanda amasha namnandi
ngesikhashana. Kodwa wayelindele ngabomvu
ukubona amachwane ephithizela egcekeni.



U-Anti kaThuli, uLydia, wafika ntambama ephethe iziqephu zokhuni, ithini nopende. U-Anti Lydia noThuli bakha ihhoko elisha lezinkukhu lapho uHennie ayengazalela khona amaqanda. Balipenda ngemibala ekhanyayo. Bandlala utshani obuthambile phansi ehhokweni.



Ekuseni ngakusasa, uThuli waphuma waya ehhokweni lezinkukhu ephethe ukudla kukaHennie kanye nendishi encane yamanzi. UThuli wafaka indishi yamanzi ngaphakathi emnyango wehhoko. Kodwa ngesikhathi uGogo efika, wamyalela ukuthi abeke amanzi ngaphandle kwehhoko.

“Uma ukudla namanzi kusondelene kakhulu nesidleke sakhe, uHennie anganyathela amaqanda ngengozi ngesikhathi ezama ukudla!” kuchaza uGogo.



UThuli wayejabule kakhulu ngakusasa. Ngesikhathi uHennie ephuma esidlekeni sakhe ukuze adle, wabona iqanda elihle, elinsundu licashe otshanini.

“Bheka!” kusho uThuli ekhomba iqanda.

“Ungalithinti iqanda!” kusho uGogo ngobumnene.

“Kufanele azizwe ephephile futhi evikelekile ehhokweni ukuze angawashi yi amaqanda akhe!”



Njalo ekuseni kusukela ngalolo suku, kwakuthi uma uHennie ephuma esidlekeni sakhe eyokudla, uThuli wayebala amaqanda.

1-2-3-4-5-6-7-8-9-10-11. Izinsuku eziyishumi nanye, amaqanda ayishumi nanye. Iqanda elisha ngosuku ngalunye.



Kodwa ngosuku lweshumi nambili, uThuli wabala amaqanda aba yishumi nanye.

“Kungani kungekho maqanda amasha?” kubuza uThuli enokukhathazeka.

“Inkukhu ingazalela cishe amaqanda ayishumi nambili. Manje inamaqanda amaningi okufanele iwafukamele! Le nqwaba yamaqanda inegama elikhethekile – ibizwa ngokuthi iqoqo lamaqanda,” kuchaza uGogo. “Manje njengoba isinalo iqoqo lamaqanda, izoyeka ukuzalela amanye amaqanda. Izofukamela leli qoqo lamaqanda izinsuku ezingama-21,” kusho uGogo.




UThuli wagijima wangena endlini. Wenza ikhalenda elinezinsuku ezingama-21. Wamaka usuku lokuqala.

Njalo ngosuku olulandelayo, uThuli wayemaka olunye usuku. Ekugcineni, lapho esemake usuku lwama-21, wamemeza ngenjabulo. “Lwafika lolo suku!” ememeza, egijima ephumela ngaphandle.



UThuli wahlala eduze kwehhoko waze wezwa ukunyakaza. Ekugcineni, iyachamisela!





Ukufunda 1

Zingaki izikhukhukazi uGogo ayefisa ukuba nazo?

UGogo wayefisa ukuba nezikhukhukazi eziyi-12.

Waliboleka kubani iqhude uGogo kaThuli?

Waliboleka kuMalume uNdumiso.

Kungani ugogo kaThuli aboleka iqhude likaMalume uNdumiso?

- Ngoba udinga iqhude ukwenza amachwane akhule ngaphakathi eqandeni.
- Ngoba wayefuna amaqanda achamiseleke abe ngamachwane ukuze abe nezinkukhu eziningi.
- Wayefuna ukuba nezinkukhu eziningi ukuze yena noThuli babe namaqanda amaningi. Babezogcina amanye bese bedayisa amanye.
- Ngoba wayefuna ukuqala ibhizinisi lakhe lamaqanda futhi wayedinga izinkukhu eziningi.
- Ngoba wayengenayo imali yokuthenga izinkukhu, ngakho wanquma ukuzichamiselela awakhe amaqanda ukuze ekhula abe izinkukhu.



Ukufunda 2

Wahlala phezu kwamaqanda amangaki uHennie?

Wahlala emaqandeni ayi-11.

UThuli walinda isikhathi esingakanani ukuze amaqanda achamisele?

Walinda izinsuku ezingama-21 ukuze amaqanda achamisele.

Kungani uThuli ezizwa edumele futhi ejabule?

- Wazizwa edumele ngoba wayethanda ukuthola amaqanda nsuku zonke, kodwa ngesikhathi amaqanda ekhula eba izinkukhu, wayengeke abe namaqanda azowadla.
- Wazizwa edumele ngoba wayengeke abe namaqanda esidlo sasekuseni okwesikhashana.
- Wazizwa ejabule ngoba maduze kuzoba negceke eligcwele amachwane.
- Wazizwa ejabule ngoba amaqanda achamisela abe ngamachwane.



INDABA 3 ISEHLAKALO ESIJABULISAYO SIKACANDICE NOCARLA

Indikimba: Siyasiza



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi babone ukuthi ukusiza abanye kungathatha isikhathi nokubekezela.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Kule ndaba, UCandice usizana nodadewabo uCarla ukufunda ukugibela ibhayisikili.
- UCandice ungudade onomusa nokubekezela. Uvele eze nemiqondo eminingi enobuciko bokusiza udadewabo.
- Ukufundisa uCarla ukugibela elakhe ibhayisikili kuba yisehlakalo esijabulisayo kuye!



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
29, 1	Lwaze lwafika usuku lukaCarla lokuzalwa. Udadewabo omdala uCandice kudala elulindle lolusuku. UCandice nogogo wakhe babekhethele uCarla ibhayisikili elimbala ogqamile ophuzi. UCandice wayengasakwazi nokulinda ukufundisa uCarla ukugibela ibhayisikili.	Ngiphetha ngokuthi uCandice usevele uyakwazi ukushova ibhayisikili. UCandice kufanele ukuba ukuthokozele ukufundisa uCarla ukushova, ukuze phela bawagibele kanyekanye amabhayisikili abo!
35, 1	UCandice wayesebona ukuthi ngeke bathole ithuba lokugibela ngokujabula namuhla. UCandice waphinde wabamba ngemuva kwebhayisikili. “Okwamanje, ngicabanga ukuthi ungazifundisa ukushova nokubhalansa kuphela,” etshela uCarla.	Ngiphetha ngokuthi uCandice uyafuna ngempela ukusiza udadewabo ukuthi afunde, ngoba ugijima emuva kwebhayisikili lakhe nsukuzonke emsiza ukuzilolonga!

Lwaze lwafika usuku lukaCarla lokuzalwa. Udadewabo omdala uCandice kudala elulindile lolusuku. UCandice nogogo wakhe babekhethele uCarla ibhayisikili elimbala ogqamile ophuzi. UCandice wayengasakwazi nokulinda ukufundisa uCarla ukugibela ibhayisikili.



Ngemuva kwesidlo sakusihlwa, ugogo wavumela uCandice ukuthi afake ibhayisikili lakhe elisha ngaphakathi endlini. Babopha iribhoni enkulu ebomvu ezimpondweni zebhayisikili. Ngemuva kwalokho, uCandice wabiza uCarla. UCandice wayesefisa ukubona ukumoyizela kukaCarla ngenkathi esebona ibhayisikili lakhe elisha ceke.



UCarla waqonda ekamelweni. Wamamatheka ngenkathi ebona ibhayisikili eligqamile eliphuzi. Kusenjalo, ukumoyizela kwakhe kwehla kancane.

“Kodwa angikwazi ukugibela ibhayisikili,” kusho uCarla.

“Ungakhathazeki! Isipho sami sosuku lokuzalwa ukuthi ngikufundise ukuthi ligitshelwa kanjani!” kusho uCandice ejabule kakhulu.



Ngakusasa ekuseni kwakuwuMgqibelo. UCandice wavusa uCarla ekuseni.


“Masihambe siye epaki! Ngifuna ukukufundisa ukuthi ligitshelwa kanjani ukuze sizokwazi ukuba nento ejabulisayo esiyeenzile nje!” kusho uCandice.

UCandice wagibela ibhayisikili. “Ngibheke. Ngemuva kwalokho uzokwazi ukuthi kufanele wenzeni,” etshela udadewabo.

UCandice washova ibhayisikili lakhe wehla enyuka emgwaqweni ngenkathi uCarla ebukele.

“Usungazama manje!” kusho uCandice kuCarla.

“Ngiyesaba kakhulu!” kusho uCarla. “Hha, uzothini uma sengiwa ngilimala lapha?” kubuza uCarla.



UCandice wayecabanga ukuthi kuzoba lula ukufundisa uCarla. Wacabanga ukuthi angamfundisa kanjani udadewabo ukushova ibhayisikili. Nebala waba neqhinga.

“Woza, gibela ibhayisikili lakho,” kusho uCandice. Ngemuva kwalokho uCandice wabamba ibhayisikili ukuthi linganyakazi. “Manje usungazilolonga ngokushova,” etshela uCarla.

UCarla wabeka izinyawo zakhe ezishovweni ngenkathi uCandice elibambe ngqi ibhayisikili. Washova waphinde washova. Ngemuva kwemizuzu embalwa uCandice wacabanga ukuthi uCarla usejwayele.

“Usungazama wedwa manje!” kusho uCandice eyalela uCarla. UCandice wadedela ibhayisikili.

UCarla wasusa izinyawo zakhe ezishovweni, wezwa ibhayisikili sengathi liyatsheka. Wabeka izinyawo zakhe phansi.

“Ngiyesaba ukushova ngedwa! Uma sengiwa lapha-ke?” kubuza uCarla.



UCandice wayecabanga ukuthi kuzoba lula konke. Ngoba nakhu uCarla useyakwazi ukushova, wacabanga ngokuthi angamfundisa kanjani udadewabo ukubambelela nokuqondisa ibhayisikili. Nebala weza neqhinga.

“Woza, gibela ibhayisikili lakho,” kusho uCandice. Ngemuva kwalokho uCandice wabamba ibhayisikili ngemuva. “Manje usungazilolonga ngokubhalansa,” etshela uCarla.

UCarla waqala ukushova ngenkathi uCandice egijima emuva kwakhe, ebambe eqinisile. Emuva kwemizuzu embalwa, uCandice wacabanga ukuthi uCarla usebambile.

“Usungazama wedwa manje!” kusho uCandice eyalela uCarla. UCandice wadedela ibhayisikili.

UCarla wezwa sengathi ibhayisikili liyatsheka wase ebeka izinyawo zakhe phansi.


“Ngiyesaba kakhulu ukuzibhalansela mina! Kuzokwenzekani uma ngingawa?” kubuza uCarla.



UCandice wayesebona ukuthi ngeke bathole ithuba lokugibela ngokujabula namuhla. UCandice waphinde wabamba ngemuva kwebhayisikili.

“Okwamanje, ngicabanga ukuthi ungazifundisa ukushova nokubhalansa kuphela,” etshela uCarla.

Behla benyuka ngendlela amahora amaningi – uCarla esebhayisikilini lakhe kanti uCandice yena egijima ngemuva kwakhe.



Ilanga lase liyozilahla kunina. UCandice wayekhathele kakhulu ngemuva kokugijima usuku lonke.
“Masihambe siye ekhaya,” kusho yena.



“Asenze okokugcina manje,” kusho uCarla.

UCandice wagijima emuva kwakhe, ebambe ibhayisikili eliqinisile. Kodwa-ke ngemuva kwemizuzwana embalwa, uCarla wamemeza wathi, “Yekela!”

UCandice wasusa isandla sakhe futhi wabukela uCarla ngenkathi egibele ibhayisikili ehla ngendlela, eyedwa. UCandice waqala washaya ihlombe emhalalisela njengoba ebuka udadewabo egibele ibhayisikili.



“Hha, sikwazile ukuthi senze okusijabulisayo namuhla!”





Ukufunda 1

Wawunjani umbala webhayisikili likaCarla?

Wawuphuzi ngokugqamile.

Yisiphi isipho uCandice asinika uCarla?

Isipho sakhe kwakuwukufundisa uCarla ukugibela ibhayisikili.

Kungani uCandice wayegijima ngemuva kwebhayisikili likadadewabo usuku lonke?

- Ngoba wayefuna ukumsiza afunde ukugibela ibhayisikili.
- Ngoba udadewabo wayesaba ukugibela ibhayisikili yedwa.
- Ngoba wayecabanga ukuthi kuzomsiza ukuthi azilolonge ngokushova nangokuqondisa.
- Ngoba wayeyintombazane enomusa nenakekelayo.



Ukufunda 2

Kungani ungaphetha ngelokuthi uCandice uyintombazane enomusa nenakekelayo?

- Ngoba wahlela ukufundisa udadewabo ukugibela ibhayisikili njengesipho.
- Ngoba wayebambe ibhayisikili ngenkathi udadewabo eshova.
- Ngoba wagijima emuva kwebhayisikili usuku lonke.
- Ngoba wayenesineke ngenkathi udadewabo esaba ukugibela ibhayisikili yedwa.
- Ngoba wayemhalalisela futhi emshayela ihlombe ekugcineni lapho uCarla esekwazi ukugibela.

UCandice wamsiza kanjani udadewabo?

- Wabamba ibhayisikili ngenkathi udadewabo ezilolonga ngokulishova.
- Wabamba ibhayisikili futhi wagijima ukuze udadewabo ezokwazi ukuzilolongela ukushova nokwazi ukuqondisa angawi ngesikhathi esisodwa.

Kungani uCandice wayeshaya ihlombe futhi ehalalisa ngenkathi udadewabo egibele ibhayisikili?

- Ngoba udadewabo wayegibela ibhayisikili lakhe okokuqala.
- Ngoba wayeqhenya kakhulu ngodadewabo.
- Ngoba udadewabo wayesebenze ngokuzikhandla usuku lonke.
- Ngoba wayesebenze ngokuzikhandla usuku lonke esiza udadewabo.
- Ngoba usuku lonke, udadewabo wayesaba ukugibela ibhayisikili yedwa kodwa ekugcineni esezama!
- Ngoba unomusa kudadewabo futhi uyamnakekela; uyajabula uma udadewabo ephumelela entweni entsha ayenzayo.



INDABA 4

U~~TIMEO~~ USIZA

UMNDENI WAKHE

Indikimba: Siyasiza



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi baqondise ukuthi ukuchukuluza nokuqhwaga abanye kungabalimaza kangakanani - abancane nabadala ngokunjalo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Abantu bangachukuluzwa noma baqhwagwe ngezizathu eziningi. Abanye abantu bachukuluzwa ngoba bengebona abaseNingizimu Afrika. Ubuqhwaga abulungile neze.
- Kule ndaba, ilunga lomndeni ngalinye linosuku olubi ngoba bachukuluziwe futhi bayaqhwagwa.
- UTimeo usiza umndeni wakhe ngokuthi bakhulume ngezinkinga zabo, nangokubakhumbuza ukuthi bonke banabo abantu abalungile ezimpilweni zabo.



Isu lokuqondisisa: Yenza Ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuze uqonde indaba kangcono ngokuyixhumanisa nezinto osuvele uzazi.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
44, 5	“Lalela,” kusho uTimeo ngokucophelela. “Iziqhwaga zikhona yonke indawo. Ngesinye isikhathi, into ongayenza ukuba umane ungazinaki. Thola abangane kanye nabantu abazoba nomusa kuwe, bese uchitha isikhathi nabo.”	Ngingakwazi ukwenza ukuxhumanisa: abantu abanamusa ku-Eva noGloria. Bobabili bazizwa bedabukile ngenxa yamazwi angemahle abanye abantu.
47, 3	“... Lowo mlisa usalokhu esho zona lezo zinto zokungihlambalaza. Nokho lokho kuphawula kwakhe akusangihluphi manje. Ngiyazi ukuthi ngobani abangane bami. Angeke ngithande ukuba umngane waleyo ndoda ngisho noma ungangikhokhela,” kusho yena.	UTimeo useke wabhekana nokuhlukunyezwa, njengamalungu omndeni wakhe. Ngicabanga ukuthi uhlanganisa umndeni wakhe ndawonye ukuze baxhumane komunye nomunye, kunokuba bazizwe bebodwa.


“Bekunjani namuhla esikoleni?” kubuza uTimeo ngenkathi indodakazi yakhe u-Eva ingena ngomnyango.

U-Eva akazange anake. “Bekumnandi,” ephendula engabonisi kujabula.

“Yini eyenzekile?” kubuza uTimeo.

“Ngesinye isikhathi kuba nentombazane engiqalayo. Ingibiza ngesidudla. Kanti ngiyisidudla yini?” kubuza u-Eva.

“Lalela,” kusho uTimeo ngokucophelela. “Iziqhwaga zikhona yonke indawo. Ngesinye isikhathi, into ongayenza ukuvele ungazinaki. Thola abangane kanye nabantu abazoba nomusa kuwe, bese uchitha isikhathi nabo.”



“Bekunjani emsebenzini?” uTimeo ebuza umkakhe uGloria ngenkathi engena ngomnyango.

UGloria anqekuzise ikhanda. “Bekumnandi,” ephendula ngokunganaki.

“Yini eyenzekile?” ebuza.

“Kukhona abanye abesifazane abathi akufanele ngisebenze. Bathi kufanele ngiphindele ekhaya. Kodwa-ke sesihlale lapha iminyaka eyi-11. Kanti akulona yini leli ikhaya lethu?” kubuza uGloria.

“Lalela,” kusho uTimeo ngokucophelela. “Iziqhwaga zikhona yonke indawo. Ngesinye isikhathi into ongayenza ukuthi ungazinaki, ukuthola abangane kanye nabantu abazoba nomusa kuwe, bese uchitha isikhathi nabo.”



“Bekunjani ukuzilolonga ebholeni likanobhutshuzwayo?” kubuza uTimeo endodaneni yakhe u-Emmanuel ngenkathi ingena ngomnyango.

U-Emmanuel waphendula amehlo akhe.

“Bekumnandi,” ephendula ngokunganaki.


“Kwenzekeni?” ebuza.

“Ngesinye isikhathi kuba nomfana ongiqalayo. Uthi angikwazi ukudlala kahle ibhola. Ingabe angikwazi ngempela ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo?” kubuza u-Emmanuel.

“Lalela,” kusho uTimeo ngokucophelela. “Iziqhwaga zikhona kuyo yonke indawo. Ngesinye isikhathi into ongayenza ukuvele ungazinaki. Thola abangane nabantu abazoba nomusa kuwe, bese uchitha isikhathi nabo.”



UTimeo wahlala kusofa, ecabanga ngokujulile ngomndeni wakhe. Wayekuzonda ukubona amalunga omndeni ezenyeza ngale ndlela ngenxa yabantu abawahlukumezayo. Wanquma ukubiza umhlangano womndeni.



UTimeo wenza uphophukhoni wayesebizela umndeni wakhe ekhishini. Bahlala bazungeza itafula. UGloria wayebukeka ekhathazekile.

“Ingabe kukhona okubi okwenzekile?” ebuza ngokukhathazeka.

UTimeo wababuka ngokuzimisela. “Ngesinye isikhathi kwakunomlisa owayengiphatha kabi kakhulu uma ngihambisa izinto ezithile ehhovisi lakhe. Wayethi akakuqondi engikushoyo ngoba ngiwaphimisa kabi amagama. Ngaqala ukulingabaza ikhono lami lokukhuluma isiNgisi. Ngakhathazeka ngaze ngazibuza ukuthi ngizihluphelani ngokukhuluma isiNgisi.

Kusenjalo, ngajwayelana noMalume uThemba kanye noMalume uSamkelo. Lowo mlisa usalokhu esho zona lezo zinto zokungihlambalaza. Kodwa lokho kuphawula kwakhe akusangihluphi manje. Ngiyazi ukuthi ngobani abangane bami. Angeke ngithande ukuba umngane waleyo ndoda ngisho noma ungangikhokhela,” kusho yena.



UTimeo wabuka wonke umndeni wakhe. “Sonke sike sazizwa sinomoya ophansi. Sonke sike sazingabaza. Sonke sike sakuzwa ukuhlukunyezwa. Kodwa-ke akuthina sodwa. Singakwazi ukuthi sisekelane bese sikhumbuzana ukuthi awusona isidudla, noma awuntshontshi imisebenzi, noma awuyena umdlali webhola omubi, noma asingcolile,” kusho uTimeo.

U-Eva wamoyizela.

UGloria wamoyizela.


U-Emmanuel wamoyizela, wacaphuna ophophukhoni ngesandla.



Ngentambama elandelayo, uTimeo walinda u-Eva ukuthi abuye ekhaya evela esikoleni.

“Bekunjani namuhla esikoleni?” kubuza uTimeo.

“Bekungconywa,” kusho u-Eva emoyizela.



UTimeo walinda uGloria ukuthi abuye ekhaya evela emsebenzini.

“Bekunjani namuhla emsebenzini?” kubuza uTimeo.

“Bekungconywa,” kusho uGloria emoyizela.




Ekugcineni, kwafika u-Emmanuel evela ebholeni likanobhutshuzwayo.

“Bekunjani ukuzilolonga ebholeni?” kubuza uTimeo.

“Bekusesenzima,” kusho u-Emmanuel ngokuzimisela, “kodwa ngicabanga ukuthi kuzoba ngcono.”



UTimeo wahlala kusofa, wacabanga ngokujulile ngomndeni wakhe. Wayazi ukuthi inkinga yabo yayingaxazululekile, kodwa wazizwa ejabulile ngokuthi wayebasizile ukuze babe nosuku olungcono.





Ukufunda 1

Ngubani ohlukunyezwayo kule ndaba?

Wonke amalungu omndeni (u-Eva, uGloria, u-Emmanuel) ayahlukunyezwa.

Yikuphi ukudla kokubamba umoya uTimeo akwenzela umhlangano womndeni?

Wenza uphophukhoni.

Kungani uTimeo anquma ukubiza umhlangano womndeni?

- Ngoba wonke amalungu omndeni wakhe ayenenkinga efanayo.
- Ngoba wayecabanga ukuthi lokhu kuzosiza ilungu lomndeni ngalinye lazi ukuthi alilodwa – indaba yeziqhwaga ithinta wonke umuntu.
- Ngoba wayefuna ukusekela umndeni wakhe.
- Ngoba wayefuna ukusiza umndeni wakhe ukuthi uzizwe kangcono.
- Ngoba wayefuna ukutshela onke amalungu omndeni ukuthi naye uyahlukunyezwa ngesinye isikhathi.



Ukufunda 2

UTimeo ucabanga ukuthi umndeni wakhe ungayixazulula kanjani inkinga yokuzenyeza?


- Ngokuthi ungazinaki iziqhwaga.
- Ngokuthi uzitholele abangani kanye nabantu abanomusa, bese uchitha isikhathi nabo.

Zikhona yini izigameko ezakwehlela ongazixhumanisa nale ndaba? Wake wazizwa sengathi uyaxhashazwa noma uyahlukunyezwa? Yini owayenza ukuze uzizwe ungcono?

- Kukhona engingakuxhumanisa nempilo yami. Ngesikhathi ngixhashazwa / ngihlukunyezwa, ngi...

Kungani uTimeo anquma ukutshela umndeni wakhe ngokuhlukunyezwa kwakhe emsebenzini?

- Ngoba wayefuna ukuthi bakuxhumanise nalokhu abadlule kukho bonke.
- Ngoba wayengafuni namunye emndenini wakhe ukuthi azizwe eyedwa.
- Ngoba wayefuna ukukhombisa umndeni wakhe ukuthi isixazululo sakhe samsiza ukuze azizwe kangcono.
- Ngoba wayefuna amalungu omndeni wakhe azame isixazululo ayewanikeze sona.



INDABA 5

ULESEGO UZIZWA ENGAKHULULEKILE

Indikimba: Imizimba yethu



**Imininingwane
yangaphambilini**

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi ukuthi babone ukuthi kubalulekile ukubika uma kunomuntu okwenza ungakhululeki.



**Amanye amaphuzu
okwabelana nabafundi
bakho**

- Lena yindaba ebucayi. Inhloso yayo ukufundisa izingane ukuba zibike kumuntu omdala ezimethembayo uma kunomuntu ozenza zingakhululeki.
- Kungaba nzima ukuba izingane zikhulume, ikakhulu uma lowo ozenza zingazizwa kahle kungumuntu ezimaziyo.
- Izingane eziningi ezihlukunyeziwe zilinyazwe umuntu ezimaziyo.



Isu lokuqondisisa: Buza imibuzo / Zibuze

- Kuyini: Ukucabanga nokubuza imibuzo mayelana nendaba ngenkathi ufunda.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuhlala unentshisekelo nokuthola kabanzi njengoba ufunda.
- Kusiza kanjani: Kukugcina ubambe iqhaza futhi kukusiza ukuthi uqonde kangcono indaba. Kukusiza ukuthi wenze izibikezelo ngalokho okungenzeka endabeni.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
58, 1	UMapule, udadewabo kaLesego omdala, weza ekamelweni. “Kwenzenjani, Lesego?” kubuza uMapule. “Lutho,” kusho uLesego eqamba amanga aluhlaza cwe. UMapule wahlala phansi eduze kwakhe. “Ngiyabona ukuthi kukhona okungalungile!” kusho uMapule. “Ngitshele!”	Ngiyamangala ukuthi kungani uLesego esaba ukutshela udadewabo? Mhlawumbe uthuswa ukuthi imizwa yakhe ingahle yenze abanye bacasuke noma bathukuthele.
65, 1	Ngenkathi uMalume uTumelo engena emnyango, akazange azame ukuwagona noma ukuwaqabula amantombazane. Wamane wathi, “Sanibonani, bashana bami,” wayesephakamisa isandla sakhe bashayana ngezandla.	Ngiyamangala ukuthi uLesego uzizwa kanjani manje? Useyabona ukuthi imizwa yakhe ibalulekile.

ULesego wayehlezi ngokwesaba embhedeni wakhe. Unina wayemtshele ukuthi uMalume uTumelo uzoza ezodla nabo isidlo sasemini ngeSonto. ULesego wayengakuthandisisi ukuvakasha kukaMalume uTumelo. Wayengayithandi indlela ayemgona ngayo. Wayengayithandi futhi nendlela amqabula ngayo emlonyeni.



UMapule, udadewabo kaLesego omdala, weza ekamelweni. “Kwenzenjani, Lesego?” kubuza uMapule.

“Lutho,” kusho uLesego eqamba amanga aluhlaza cwe.

UMapule wahlala phansi eduze kwakhe. “Ngiyabona ukuthi kukhona okungalungile!” kusho uMapule. “Ngitshele!”



“Angithandisisi kahle uma uMalume uTumelo evakasha lapha. Ngizizwa ... Angazi,” kusho uLesego. “Kodwa-ke, ngicela ungatsheli muntu! Angifuni umama angithukuthelele!”

“Ngiyazi ukuthi uzizwa kanjani. Nami angithandi uma engiqabula emlonyeni,” kusho uMapule. “Ngicabanga ukuthi kungcono sitshele umama. Lokhu kuyinkinga uma kukhona umuntu osenza singakhululeki!”



“Hhayi! Uzosithukuthelela umama uma sisho izinto ezingalungile ngomfowabo. Angifuni ukumthukuthelisa!” kukhala uLesego.

“Ngiyazi ukuthi lokhu kuyathusa kodwa ngibona sengathi kufanele! Mhlawumbe angasisiza; sizizwe singcono. Kanti futhi sizobe simtshela sobabili,” kusho uMapule, ebambe isandla sikaLesego.



UMapule noLesego bathola unina epheka isidlo sasemini.

“Mama, sicela ukukhuluma nawe,” kusho uMapule ngesibindi.


Ngakho-ke uMapule watshela unina ukuthi uMalume uTumelo ubenza bazizwe bengakhululekile.




Umama wadonsa umoya. ULesego wayecabanga ukuthi unina wayezilungiselela ukuthetha. Wabuka phansi, enamahloni. “Ngiyajabula ukuthi ningitshelile. Akufanele kube yimfihlo uma kukhona umuntu okwenza uzizwe ungakhululekile. Lona umuzwa obalulekile okungafanele uwuzibe. Ngizokhuluma naye.” “Futhi-ke, Mapule angifuni ukuthi wena noma uLesego niphinde nibe naye nodwa,” kusho umama ngokuzimisela. “Kufanele nihlale ndawonye uma ninoMalume uTumelo.”



ULesego noMapule baya ngaphandle bayodlala. Kusenjalo uLesego wabona unina ngefasitela ekhuluma ocingweni. ULesego wayekhathazekile ngokuthi unina uzothini kuMalume uTumelo. Wayazi ukuthi akufanele alalele, kodwa wehluleka ukuzibamba. Wagijima wayohlala phansi eduze kwefasitela lasekhishini.



“Tumelo,” kusho umama ngezwi eliqinile,
“amantombazane azizwa engakhululekile uma
amadoda angewona oyise ewanga noma ewaqabula.
Ngicela uhloniphe imizwa yawo, ningamane nishayane
ngesandla esisodwa uma ubabingelela abashana
bakho.”



Ngenkathi uMalume uTumelo engena emnyango, akazange azame ukuwagona noma ukuwaqabula amantombazane. Wamane wathi, “Sanibonani, bashana bami,” wayesephakamisa isandla sakhe bashayana ngezandla.





Ukufunda 1

Ngubani owenza uLesego azizwe engakhululekile?

UMalume uTumelo umenza azizwe engakhululekile.

ULesego watshela bani ukuthi uzizwa engakhululekile?

Watshela udadewabo omdala, uMapule.

Kungani uLesego engathandanga ukuxoxela muntu ngemizwa yakhe?

- Ingoba wayekhathazekile ukuthi imizwa yakhe yayingalungile.
- Ingoba wayekhathazekile ukuthi akekho umuntu ongaqonda imizwa yakhe.
- Ingoba wayekhathazekile ukuthi unina wayezomthukuthelela.



Ukufunda 2

Yini eyenza uLesego azizwe engakhululekile?

Indlela uMalume uTumelo amgona naphinde amqabule ngayo.

Kungani uLesego wayehlezi phansi eduze kwefasitela lasekhishini?

- Ukuze ezokwazi ukuzwa ngenkathi unina ekhuluma ocingweni.
- Ukuze ezokwazi ukuzwa ukuthi unina wayethini kuMalume uTumelo.

Ucabanga ukuthi uLesego wazizwa kanjani ekugcineni kwendaba? Kungani ucabanga kanjalo?

- Ngicabanga ukuthi uLesego wazizwa egcwele ukubonga ngokusizwa udadewabo ukuveza imizwa yakhe.
- Ngicabanga ukuthi uLesego wazizwa ekhululekile ukuthi unina waxoxa nomalume wakhe.

INDABA 6

USUKU OLUBI LUKAZAMA

Indikimba: Imizimba yethu



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela
- Yenzeka eNingizimu Afrika
- Yenzeka esikhathini samanje
- Le ndaba izosiza abafundi ukuthi baqonde ukuthi ukuphawula ngemizimba yabanye abantu kungabenza bangazizwa kahle.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ukukhuluma ngemizimba yabanye abantu kungabenza bangazizwa kahle.
- Izingane zike zichukuluzwe ngendlela ezibukeka ngayo – ngezinye izingane noma ngabantu abadala. Lokhu akunamusa!
- Uma umuntu enza ingane ingazizwa kahle, kubalulekile ukuthi ingane ibikele umuntu omdala emethembayo.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
69, 2	Ubuso bukaZama bavele bajuluka. Wayengazi ukuthi athini.	Mina ngiphetha ngokuthi uZama wacasulwa ngamazwi athi ubuso bakhe bajuluka - kanti nasesithombeni ubukeka engeneme neze!
72, 1	Lase liyashintsha izwi lakhe. “Okwesibili, akulunganga lokho. Akekho umuntu omdala okumele aphawule ngomzimba wakho, Ngiyaxolisa ngalokho okwenzekile. Ngizokhuluma nothishanhloko kusasa.”	Mina ngiphetha ngokuthi umama kaZama ucasukile. Uzwakala ephimisa amazwi olaka ethi uzokhuluma nothishomkhulu ngalokhu okwenzekile.

UZama wayejabulele ukubuyela esikoleni emuva kwamaholide. Kodwa-ke ngenkathi esuka lapho behlangana khona ekuseni eyoma emgqeni wekilasi lakhe, omunye wothisha, uMnu. Matsebula, wathi, “O, Zama uzimukile! Ubukeka ukhuluphele ngempela.”

Ubuso bukaZama bavele bajuluka. Wayengazi ukuthi athini.





Usuku lonke uZama wayezenyeza. Wagqoka ijezi lakhe nakuba ekilasini kwakushisa kakhulu. “Mhlawumbe lokhu kuzofihla umzimba wami,” kucabanga yena.

Ngesikhathi uyise kaZama ezomlanda esikoleni, waziphonsa esihlalweni esisemuva emotweni maqede wabheka phansi.

“Kwenzenjani, Zama?” kubuza uyise.

“Angithandi ukukhuluma ngakho,” kusho uZama esholo phansi.

Ngalelo langa ebusuku, lapho unina kaZama efika ekhaya evela emsebenzini, wangqongqoza emnyango wekamelo likaZama. “Belunjani usuku lwakho esikoleni?” kubuza unina.

“UMnu. Matsebula uthe ngizimukile. Uthe ngikhuluphele,” kusho uZama. “Ingabe ngikhuluphele?” kubuza uZama.

“Okokuqala, yonke imizimba mihle,” kuphendula unina kaZama ngobumnene. “Umuhle noma ngabe uzimuke kangakanani.”





Lase liyashintsha izwi lakhe. “Okwesibili, akulunganga lokho. Akekho umuntu omdala okumele aphawule ngomzimba wakho, Ngiyaxolisa ngalokho okwenzekile. Ngizokhuluma nothishanhloko kusasa.”

“Cha, Mama! Uzocabangani uMnu. Matsebula? Uzongizonda!” kukhala uZama.

“Zama, angeke sivele siyiyeke le nto. Lokhu bekungafanele kwenzeke kuwe, futhi akufanele kwenzeke kunoma yimuphi omunye umfundi esikoleni senu,” kusho unina ngokugcizelela.

Ngalobo busuku uZama wezwa abazali bakhe bekhuluma ngenkathi becambalele embhedeni.

“Ngizwa ngingakhululekile neze ngalo thisha okhuluma noZama ngale ndlela. Angicabangi ukuthi kufanele aphawule ngomzimba wakhe!” kusho unina kaZama.

“Akekho umuntu okufanele enze uZama azizwe engakhululekile esikoleni – ikakhulukazi uthisha!” kunanela uyise kaZama.



Ngalobo busuku uZama wayecambalele embhedeni,
ekhathazeke ngokuthi kuzokwenzekani ngenkathi
unina ekhuluma nothishomkhulu uNyeko.





Ngakusasa ntambama, bobabili abazali bakaZama bafika bezomlanda. UZama wayedlala ngaphandle ngenkathi abazali bakhe beya ehhovisi likathishomkhulu. UZama wazama ukugxila emdlalweni wakhe wokuthintana, kodwa wayelokhu ekhohlwa ukuthi sekungena “bani”. Engqondweni yakhe wayecabanga ngalokho okwakuxoxwa ngaphakathi ehhovisi.

Ekugcineni, unina wambiza. UZama wabamba isandla sikanina ngesikhathi engena ehhovisi likathishomkhulu uNyeko.

“Zama, ngiyaxolisa ngokuphawula ngomzimba wakho ngize ngikwenze uzizwe ungakhululekile,” kusho uMnu. Matsebula. “Bengingacabangi ukuthi lokhu kuzokucasula, kodwa manje ngiyabona ukuthi bekungalungile. Yonke imizimba mihle, futhi akufanele ngahlulele noma yimuphi umuntu ngomzimba wakhe.”




Ngemuva kokuthi uMnu. Matsebula esephumile ehhovisi, uthishomkhulu uNyeko wabukisisa uZama. “Zama, akulungile nanoma ngubani ukuthi aphawule ngomzimba wakho. Ngiyabonga ngokuthi usazise ngalokhu,” kusho uthish’omkhulu egcizelela.

UZama wayekhathazekile ngokubona uMnu. Matsebula ngakusasa, nakuba wayazi ukuthi wenze okufanele.



Ngakusasa ekuseni lapho kuhlangukwa khona, uThishomkhulu uNyeko wakhuluma nesikole sonke ngokuba nomusa nenhlonipho. “Sinemizimba enezimo kanye nobukhulu obahlukene, kanti zonke izimo kanye nobukhulu kuvumelekile lapha,” ememezela.

UTasneem wabheka ngakuZama. “Ngiyabonga ngokuthi ube nesibindi sokusho okuthile. Ngethemba ukuthi uthisha angeke aphinde azisho izinto ezifana nalezi.”





Ukufunda 1

Ngubani owatshela uZama ukuthi ubukeka ekhuluphele kakhulu?

UMnu. Matsebula owatshela uZama ukuthi ubukeka ekhuluphele kakhulu.

Wazizwa kanjani uZama ngenkathi uMnu. Matsebula ephawula ngomzimba wakhe?

Wazizwa ethukuthele/engakhululekile/ezenyeza/enamahloni, njll.

Kungani uZama avele agqoka ijezi usuku lonke esikoleni, ngisho noma kushisa?

- Ngoba uMnu. Matsebula wathi ubukeka ekhuluphele.
- Ngoba wayengakhululekile ngokuthi uMnu. Matsebula wayephawule ngomzimba wakhe.
- Ngoba wayengafuni muntu ozomahlulela ngomzimba wakhe.
- Ngoba uMnu. Matsebula wamenza waphatheka kabi ngomzimba wakhe.



Ukufunda 2

Yimuphi umdlalo uZama ayewudlala ngesikhathi abazali bakhe bengaphakathi ehhovisi?

Wayedlala umathintana nabangane bakhe.

Kungani uZama ayengakwazi ukugxila emdlalweni wakhe wokuthintana?

- Ngoba wayekhathazeke ngokwakwenzeka ngaphakathi ehhovisi.
- Ngoba wayezizwa ekhathazeke kakhulu ukuthi angagxila emdlalweni.

Kungani abazali bakaZama bakhuluma noThish'omkhulu uNyeko?

- Ngoba uMnu. Matsebula wathi uZama ukhuluphele, wase ephatheka kabi.
- Ngoba abazali bakaZama babebona ukuthi uZama uphatheke kabi ngalokho okushiwo nguMnu. Matsebula.
- Ngoba abazali bakaZama babephatheke kabi ngokuthi uMnu. Matsebula wenza uZama angakhululeki.
- Ngoba unina kaZama wazizwa engakhululekile. Wayengacabangi ukuthi uthisha kufanele aphaule ngemizimba yabafundi.
- Ngoba babengafuni muntu ozokwenza uZama angakhululeki esikoleni.
- Ngoba abazali bakaZama babemthanda futhi befuna ukumvikela.
- Ngoba yonke imizimba mihle, kanti abanye akufanele baphawule ngemizimba yethu.



INDABA 7

IDAYARI KAMANDU EYIMFIHLO



Indikimba: Sixazulula izimfihlakalo



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bafunde kabanzi ngokusebenzisa umkhondo ukuxazulula indida.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Indida yinto esingakayazi — iyiphazili noma umbuzo odinga impendulo. Yicabange njengesikhathi ungakwazi ukuthola ithoyizi lakho: “Lishonephi ithoyizi lami?” Leyo ke indida.
- Imikhondo yizicucu ezincane zolwazi olusiholela kwimpendulo. Yizimpawu esizibonayo ezisitshela indaba.



Isu lokuqondisisa: Yenza ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuze uqonde indaba kangcono ngokuyixhumanisa nezinto osuvele uzazi.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
85, 5	“Ngqiqinisekile ukuthi umfowethu omncane,” kusho uMandu. “UThabo uvame ukuba neminwe engcolile uma ebuya ukuyodlala ngaphandle!”	Ngingakuxhumanisa lokhu nalokho okwenziwa ngamaphoyisa. u-Anna noMandu bafuna umkhondo wokuxazulula icala - njengamaphoyisa.
87, 1	“Buka lezi zinwele ezikhanyayo!” kusho uMandu, ephethe unwele olufushane olukhanyayo. “Lona umkhondo obalulekile,” kuqhuba yena. “Ngumuntu onezinwele ezikhanyayo okungenzeka ukuthi ufunde idayari yami.”	U-Anna noMandu baqoqa imikhondo ukuze bathole ukuthi ubani ofunde idayari, njengamaphoyisa eqoqa ubufakazi bokuxazulula icala.

UMandu wayethanda ukubhala. Wayethanda kakhulu ukubhala edayarini yakhe ekhethekile. Nsuku zonke wayebhala ngokwenzekile ngalolo suku.

Wayephinde abhale ngezinto zakhe eziyimfihlo. Ukubhala kwakumsiza ukuthi acabange ngokuhluzekile. Kwakumsiza ngokuthi abe nomoya ophansi. Kwakumenza azizwe ejabulile.





UMandu wayengafuni ukuthi omunye umuntu afunde izindaba zakhe eziyimfihlo, ngakho wayazi ukuthi udinga indawo efihlekile ayezobeka kuyo idayari yakhe.

Wabheka egunjini lakhe lokulala; wacabanga ngendawo ephephile azobeka kuyo idayari yakhe. Ekugcineni wanquma ukuyifihla ngaphansi kombhede wakhe. “Akekho namunye ozoyithola lapho!” kucabanga uMandu.

Nokho-ke ngolunye usuku ntambama, ngenkathi uMandu nomngani wakhe u-Anna bebuya esikoleni, uMandu wathola idayari yakhe phansi ivulekile egunjini lakhe lokulala. Ubuso bakhe bamfoma izithukuthuku nenhliziyo yakhe yashaya ngamandla.

“Hhayi bo! Bheka Anna! Kukhona obefunda idayari yami!” kuthetha yena.

“Singathola ukuthi ngubani!” kusho u-Anna ngomoya ophansi. “Sizoba ngabaseshi bedayari!”

UMandu no-Anna bahlolisisa idayari.

“Bheka le minwe engcolile,” kwasho u-Anna. “Lona umkhondo omuhle! Ubani ongamcabanga oneminwe engcolile?”

“Ngqiqinisekile ukuthi umfowethu omncane,” kusho uMandu. “UTHabo uvame ukuba neminwe engcolile uma ebuya ukuyodlala ngaphandle!”

“Masihambe siyomfuna, kufanele simbuze imibuzo ukuze sithole ukuthi nguyena yini owenze lokhu!” kusho u-Anna.



UMandu wacabanga ngoThabo esefunda zonke izimfihlo zakhe. Kusenjalo wase ekhumbula ukuthi umfowabo uneminyaka emihlanu nje kuphela. Akakwazi ukufunda!

“Yima! Akukwazi ukuba nguye ngoba akakwazi ukufunda!” kusho uMandu, ehleka.

“Masibheke eminye imikhondo,” kusho u-Anna.

UMandu waqala wabukisisa idayari, ikhasi ngalinye.





“Buka lezi zinwele ezikhanyayo!” kusho uMandu, ephethe unwele olufushane olukhanyayo. “Lona umkhondo obalulekile,” kuqhuba yena.

“Ngumuntu onezinwele ezikhanyayo okungenzeka ukuthi ufunde idayari yami. Wonke umuntu emndenini wami unezinwele ezimnyama. Ngakho kungaba ngubani? Ngubani engimaziyo onezinwele ezikhanyayo?” ebuza, ebuka izinwele zika-Anna ezikhanyayo.

“Akumina! Ngiqinisile, ngethembe!” kusho u-Anna. “Ngaphezu kwalokho yizinwele ezimfushane ezikhanyayo. Ezami zinde!”



“Kufanele sicuphe ukuze sithole umuntu ofunde idayari,” kusho uMandu. UMandu waphindisela idayari phansi kombhede. Wayesefafaza ufulawa phansi eduze nombhede.

“Uma umuntu esondela eduze kwedayari yami, sizothola ukuloba kwezinyawo zakhe kufulawa,” kuchaza uMandu.

Base becasha ekhoneni balinda! Ngemuva kwemizuzu,
bezwa umsindo oklwebhayo uvela ngasegunjini
lokulala.



Bagijimela ekamelweni likaMandu. “Sakuthola!” kumemeza u-Anna. Nokho kwakungekho muntu! Bekungekho muntu ngaphandle kwenja, uZola. Phansi kwakugcwele izinyawo ezinofulawa. Ikhala likaZola laligcwele edayarini kaMandu!

UMandu waqala wahleka. “Kuyokuba wuboya bukaZola obebukade busedayarini!”

“Zola owedelelayo!” kusho u-Anna. “Kuzodingeka uthole indawo entsha yokuyifihla!”

“Uqinisile!” kusho uMandu. “Nokho ngizothola indawo kamuva – kufanele ibe ngefihlakele, ngisho nakuwe!”





Ukufunda 1

Yimiphi imikhondo u-Anna noMandu abayithola?

Bathola iminwe engcolile, bathola izinwele ezikhanyayo, kanti ekugcineni bathola izidladla ezazinofulawa.

Ngubani ngempela owayefunde idayari kaMandu?

Akekho owayeyifundile kodwainja yakubo yayizigangela nje.

Kungani uMandu acabanga ukuthi u-Anna nguye ofunde idayari yakhe?

- Ngoba wathola izinwele ezikhanyayo.
- Ngoba akukho muntu onezinwele ezikhanyayo emndenini kaMandu.
- Mhlawumbe yingoba u-Anna unomdlandla wokumsiza. Kwakusolisa.



Ukufunda 2

Ngubani owayesolwa nguMandu?

Wayesola umfowabo omncane kanye no-Anna.

Bathola kanjani uMandu kanye no-Anna ukuthi ubani ofunde idayari?

Bafuna imikhondo base beyacupha.

Kungani uMandu kwase kufanele athole indawo engcono yokufihla idayari?

- Ngoba idayari yenzelwa ukuthi ibe yimfihlo.
- Ngobainja yakhe, uZola, yayithola kalula idayari.
- Ngoba u-Anna useyazi ukuthi idayari ifihlwe kuphi, ngakho akuseyona indawo efihlakele manje.



INDABA 8

UMACASHELANA

Indikimba: Sixazulula izimfihlakalo



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi baqonde kangcono iyini indida.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Buza abafundi ingabe bake bawudlala umacashashelana.
- Buyekeza imithetho: umuntu oyedwa uyabala ngesikhathi abanye bacasha; bese lowo obalile kufanele athole bonke abantu.
- Uma umdlali ecasha kahle kakhulu futhi kunzima ukumthola, indawo acashe kuyo iba yindida.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
101, 1	“Abangitholanga mina!” kucabanga uSindisiwe. Wagigitheka ngaphakathi emphongolweni.	Ngingaphetha ngelokuthi uSindisiwe unendawo engcono kakhulu yokucasha, ngoba akekho omtholile — futhi sebebuyela emdlalweni okwesibili!
106, 7	Babheka kuzo zonke izindawo zabo ababevame ukucasha kuzo, kodwa lutho ukumthola uSindisiwe.	Indida le! Abazi ukuthi uSindisiwe angaba kuphi! Ngingaphetha ngelokuthi lokhu kungokokuqala umuntu ecasha emphongolweni, ngoba akekho ocabanga ukubheka khona.

Kwakungenye nje intambama. Kwakusehlobo ilanga
lifudumele. Izingane zaseThaleni zanquma ukudlala
umacashelana.

“Ngizobala!” kusho uLungi ngokuzithandela. Waqala
ukubala ememeza, “1- 2- 3- 4- 5 ...”

Zonke ezinye izingane zahlakazeka, zagijimela
ukuyothola indawo yokucasha.



ULumka wagijimela ezihlahleni. Wakhasa ngaphansi kwazo.

U-Avela wagijima waya ezixhobeni zezihlahla. Wenza ukuthi umzimba wakhe uqonde thwi ngangokusemandleni, wase ema ngemuva kwesihlahla eside kunazo zonke.





UNsikelelo wagijima
wabheka ezansi nendlela
wase ebona umgodi
eceleni kwendlela.
Walala phansi futhi
wazifihla ngaphakathi.

UHlobisa wagijima ebheke
edwaleni elikhulu. Wagoba
wase ecasha ngemuva kwalo.



UGogo Nkomo wasiza uSindisiwe ukungena
emphongolweni wakhe. Wamphakamisa wamfaka
phakathi. “Ungalokothi ubeke isivalo somphongolo
uma ucasha ngaphakathi! Kuyingozi kakhulu!”
UGogo Nkomo wabeka isivalo eceleni komphongolo
uSindisiwe wangena ngaphakathi.



“Nilungile yini noma cha, sengiyeza!” kumemeza uLungi.

ULungi wagijimela ezihlahleni. “Ngikutholile!” asho, ekhomba uLumka.

ULungi noLumka bagijima bebheke ezihlahleni. Bacinge. Bacinge. “Sikutholile!” basho, bebiza u-Avela.

ULungi, uLumka, no-Avela bagijima behla ngendlela, baze babona ihembe likaNsikelelo elibomvu emgodini. “Sikutholile!” basho, bebiza uNsikelelo.

ULungi, uLumka, u-Avela noNsikelelo bahambe bebheke edwaleni elikhulu. Bezwa uHlobisa ekhwehlela. “Sikutholile!” bahleka, bekhomba uHlobisa.


USindisiwe wayelokhu esemphongolweni.




“Asidlaleni futhi!” kusho uLumka, sebekhohliwe nguSindisiwe.

Waqala ukubala ememeza, “1- 2- 3- 4- 5...”

U-Avela, uNsikelelo, uHlobisa noLunga bahlakazeka, bagijimela ukuyofuna izindawo ezintsha zokucasha.



“Abangitholanga mina!” kucabanga uSindisiwe.
Wagigitheka ngaphakathi emphongolweni.



U-Avela wagijima ebheke emotweni endala, egqwalile. Wakhasa wangena ngaphansi kwayo.

UNsikelelo wagijima ebheke endlini eseduze. Wama wancika ngobonda ngemuva kwendlu.



UHlobisa wagijima wehla ngendlela wase ebona
indunduma yezibi. Walala phansi ngemuva kwayo.

ULungi yena wagijima ebheke ngasesangweni.
Wakhokhoba, waqoshama, wase ecasha ngemuva
kwalo.

USindisiwe wangena emphongolweni,
waqoshama ngaphakathi kwawo
wathula wathi du.



“Senilungile yini noma cha? Sengiyeza!” kumemeza uLumka.

ULumka wagijima ebheke emotweni endala egqwalile. “Ngikutholile!” esho, elala phansi eduze kwemoto futhi efaka ikhanda lakhe ngaphansi kwayo.

ULumka no-Avela bagijima bebheke endlini eseduze. “Sikutholile!” besho bebiza uNsikelelo.

ULumka, no-Avela, noNsikelelo bagijima behla ngendlela, baze bezwa uHlobisa ekhwehlela njengakuqala. “Sikutholile!” besho, behleka kanyekanye.

ULumka, u-Avela, uNsikelelo, noHlobisa bahamba bebheke esangweni. Babona izicathulo eziluhlaza okwesibhakabhaka zikaLungi zivela kancane ngemuva kwalo. “Sikutholile!” bahleka, bekhomba izinyawo zikaLungi.

USindisiwe wayelokhu esemphongolweni, elele zwi ubuthongo!



“Asidlaleni futhi!” kusho u-Avela.

“Ngizobala!” kusho u-Avela ezinikela.

Babelokhu bedlala bengaqedi, bebala bese becasha kwaze kwaqala ukuhlwa.



“Asihambeni siye ekhaya kungaze kuhwalale!” kusho uNsikelelo. “Asihambe Sindisiwe,” asho, eqalaza umfowabo omncane nxazonke. Kungaleso sikhathi lapho aqale khona ukuqaphela ukuthi uSindisiwe ubelahlekile cishe usuku lonke!

ULumka wagijima ebheke ezihlahleni. Akekho uSindisiwe.

U-Avela wagijima ebheke ezihlahleni. Akekho uSindisiwe.

UNsikelelo wagijima ehla ngendlela, wathola umgodi omkhulu. Walunguza emgodini. Akekho uSindisiwe.

UHlobisa wagijima ebheke etsheni elikhulu. Walizungeza, ecinga kuwo wonke amacala alo. Akekho uSindisiwe.


ULungi wagijima ebheke esangweni. Akekho uSindisiwe.

Babheka kuzo zonke izindawo zabo ababevame ukucasha kuzo, kodwa lutho ukumthola uSindisiwe.

Abangani baqala ukumemeza igama lakhe. “Sindisiwe! Ukuphi?” bamemeza.

Ekugcineni, ukumemeza kwabo kwafinyelela kuSindisiwe ngaphakathi komphongolo. Wasukuma, kodwa wayemfushane kakhulu ngakho akavelanga ngaphezulu noma esesukumile.

“Ngilapha! Ngilapha!” kumemeza uSindisiwe.



Abangane bagijima bebheke lapho uSindisiwe ememeza ngakhona.

UNsikelelo wafika emphongolweni, wadonsa umfowabo omncane wamkhipha. “Ngingqobile!” kusho uSindisiwe. Bonke bavele bahleka.





Ukufunda 1

Wayecashe kuphi uSindisiwe?

Wayecashe ngaphakathi komphongolo.

Wayengene kanjani uSindisiwe emphongolweni?

UGogo Nkomo wamsiza ukungena ngaphakathi / wamphakamisa wamfaka emphongolweni.

Kungani uSindisiwe ahlala usuku lonke emphongolweni?

- Ngoba akukho noyedwa owamthola.
- Ngoba wayenendawo engcono yokucasha.
- Ngoba akekho noyedwa oweza ukuzocinga uSindisiwe phakathi emphongolweni.
- Ngoba abangani bakhe babejabule kakhulu, abazange baqaphele ukuthi uSindisiwe wayengekho lapho.
- Ngoba uSindisiwe wazumeka walala phakathi emphongolweni.



Ukufunda 2

Ngubani owazinikela ngokubala kuqala?

ULungi wazinikela ngokubala kuqala.

Sazi kanjani ukuthi uSindisiwe wayenendawo engcono yokucasha?

- Ngoba akukho noyedwa omtholile.
- Ngoba wanqoba umdlalo!

Kungani singaphetha ngelokuthi abantwana babekujabulela ukudlala umacashelana?

- Kungoba badlala izikhathi eziningi bengaqedi.
- Kungoba badlala kwaze kwahlwa.
- Kungoba babelokhu bematasa bedlala bengaqapheli nokuthi omunye wabangani babo akekho.





ITHEMU 2



IBALAZWE LASENINGIZIMU AFRIKA



USinakho
usebenzisa
izikrini

iNyakatho Kapa



iNtshonalanga Kapa

UNyasha
usesiteji



Ulwandle
lwe-Atlantic



iLimpopo

iMpumalanga

iGauteng

iNyakatho-
Ntshonalanga

iFree State

KwaZulu-
Natal

Ulwandle
lwaseNdiya

iMpumalanga Kapa



Ibhulashi
lokupenda



Hlala
uphephile
Lesego!



UBantu
uzizwa
edabukile



UZandile
usebenzisa
i-intanethi



UVusi nosebe
lomfula



Indodana
ehlakaniphile



ITHEMU 2 IZINDABA



1. UNyasha usesiteji

115



2. UBantu uzizwa edabukile

129



3. UZandile usebenzisa i-intanethi

143



4. USinakho usebenzisa izikrini

157



5. Hlala uphephile Lesego!

173



6. UVusi nosebe lomfula

187



7. Ibhulashi lokupenda

203



8. Indodana ehlakaniphile

217

INDABA 1

UNYASHA

USESITEJI

Indikimba: Sinemizwa



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda ukuthi kuvamile ukuzizwela ujabulile futhi wethukile uma uzama into entsha. Kubonisa abafundi uma bezilolonga, benesibindi, futhi beqhubeka nokuzama, bangazizwela bezethemba futhi bafingelele emigomweni yabo.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho


- Umdlalo wesikole kulapho abafundi belingisa indaba esiteji, phambi kwabanye abantu. Kunabalingisi, izimpahla zokugqoka kanye nezibukeli ezibukelayo.
- Ukuhlolwa bukhoma ukuzama ukuthola ikhono. Abafundi basho imigqa noma balingise ukubonisa bakulungele ukudlala ingxenye emdlalweni.
- Abalingisi bazijwayeza imigqa yabo kanye nesimo sobuso izikhathi eziningana ngaphambi kombukiso wangempela. Ukuzilolonga kubasiza bazizwe belungele.
- Kwesinye isikhathi singaba nemizwa exubile ngokuthize. Kusho singaba nemizwa ehlukeni ngesikhathi esisodwa. Njengokuthi, kwesinye isikhathi sizizwela sijabulile futhi sethukile ngasikhathi sinye. Kuvamile, ikakhulukazi ngaphambi kwento esemqoka.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
125, 1	Ngenkathi UNyasha egibela esiteji okokuqala, iphimbo lakhe lalivevezela. Izandla zakhe ziqhaqhazela.	Ngingasho uNyasha wayethukile ngesikhathi egibela esiteji okokuqala, ngoba iphimbo lakhe laligedezela futhi nezandla zakhe ziqhaqhazela.
125,1	Washo umugqa wakhe wokuqala. Wawukhumbula. Washo umugqa wakhe wesibili. UNyasha waqala wakhululeka. Wazizwa ezethemba. Iphimbo lakhe lezwakala linesibindi. Izandla zakhe zayeka ukuqhazela.	Ngingasho ngesikhathi uNyasha ekhumbula imigqa embalwa yokuqala, wabona angakwenza! Yilokho okwamsiza azizwele ezethemba kangcono.

Iphupho likaNyasha kwakuwukuba umlingisi. Kanti namuhla, uNyasha wayesethole ithuba lokuqala lokudlondlobala. Kwakuwukuhlolwa kwamakhono omdlalo weshashalazi wesikole. UNyasha wayeyibambe ngekhandu yonke imisho okwakufanele ayisho. Wasebenzise isibuko ukuzilolongela isimo sobuso, ukuze ezokwazi ukubonisa ukujabula nokudumala kuzo zonke izindawo ezifanele. Wazizwa esekulungele. Kodwa ngenkathi esalinde ithuba lakhe lokuya esiteji, wazizwa eshaywa kakhulu uvalo.



Emva kokuhlolwa kwamakhono, uNkosikazi Tsiki wamtshela ukuthi izindawo abazozidlala zizonamathiselwa ngaphandle kwehholo ngakusasa ekuseni. UNyasha wazizwa enze kahle kulokhu kuhlolwa kwamakhono. Kodwa, wayekhathazeke ngokuthi kungenzeka adumazeke uma ecabanga ngaleyo ndlela bese engayitholi leyo ngxenye ayefuna ukuyidlala. Akazange akwazi ukulala ubusuku bonke ngenxa yokujabula kanye nokwethuka.



Ngenkathi uNyasha efika esikoleni, wagijimela
ehholweni. Kwakukhona igama lakhe! Ephepheni!
Wayefakiwe endimeni ayefuna ngempela ukuyidlala.



Wagijimela egcekeni eyotshela abangane bakhe. Kodwa kwakusekuseni kakhulu kusengakafiki muntu. Lezi zindaba zasezilungele ukuziphumela zona emlonyeni wakhe. Lapho ekugcineni ebona umngane wakhe u-Andrew engena ngesango lesikole, wamemeza engaphesheya kwegceke.



Emasontweni alandelayo, uNyasha wayeya ukuyolungiselela emva kokuphuma kwesikole. UNyasha wayeyibambe ngekhandu yonke imisho okwakufanele ayisho. Wayezilolonge nangesimo sakhe sobuso esibukweni, ukuze ezokwazi ukubonisa ukujabula nokudumala kuzo zonke izindawo ezifanele. Ngosuku olwandulela umbuthano omkhulu wayezizwa elungele. Wayengasakwazi nokulinda ukuthi abe sesiteji phambi kwawo wonke umuntu.



Ngobusuku obungaphambi kombuthano, uNyasha walala embhedeni ecabanga ngezinye izingane ezazithanda ikhono lakhe lokuba umlingisi.


Wayecabanga ngendlela ezinye izingane ezazizomshayela izandla ngayo ngokwenza kwakhe kahle nangempumelelo. Kodwa, wayekhathazekile ngokuthi kungenzeka angenzi kahle uma ecabanga kanjalo. Ukujabula kwakhe kakhulu kanye nokwethuka kwamenza wangalalanga ubusuku bonke.



Ngosuku olulandelayo, uNyasha walinda ithuba lakhe lokuya esiteji. Uma eqhamuka esixukwini esikhulu, wayengasakwazi nokuzibamba ukuthi azolingisa – uzoduma esikoleni! Kodwa ngesikhathi esifanayo, wayefuna ukubaleka. Waqala wajuluka ngenkathi ecabanga ngokuthi uzokwazi yini ukukhumbula yonke imigqa yakhe.



UNyasha wadonsa umoya ngenkathi engena emnyango.



Ngenkathi egibela esiteji okokuqala, iphimbo lakhe lalivevezela. Izandla zakhe nazo zaziqhaqhazela. Washo umugqa wakhe wokuqala. Wawukhumbula. Washo umugqa wakhe wesibili. UNyasha waqala wakhululeka. Wazizwa ezethemba. Iphimbo lakhe laqala lezwakala seliqina. Izandla zakhe zayeka ukuqhaqhazela.



Ekupheleni komdlalo weshashalazi, uNyasha wama nabanye abadlali maphakathi nesiteji bakhothama. Walalela ngenkathi beshaya izandla futhi behalalisa. Wayejabulile. Wayezizwa eziqhenya kakhulu. Wayesengasakwazi ukulinda ukuthi adlale enye indima. Waqala ukuzizwa sengathi amaphupho akhe angase afezeke!





Funda 1

Yimiphi imizwa eyehlukene uNyasha ayeyizwa kuyo yonke le ndaba?

Ukujabula, ukuthuka, ukwesaba, ukukhathazeka, ukuziqhenya, njll.

Ungathanda yini ukuba sesiteji njengoNyasha? Kungani noma kungani kungenjalo?

- Ngingathanda ukuba sesiteji ngoba
- Ngeke ngithande ukuba sesiteji ngoba....

Cabanga ngesikhathi uzama okuthile okusha. Wazizwa kanjani ngaphambi kwakho, ngesikhathi sakho, nangemva kwakho?

Ngazizwa...



Funda 2

Kungani singaphetha ngokuthi uNyasha wayethukile?

- Ngoba wayezwa sengathi unezimvemvane esiswini.
- Ngoba wayengakwazi ukulala.
- Ngoba wayezizwa sengathi angabaleka esiteji.
- Ngoba wayejuluka.

Wake wazizwa yini unemizwa engaphezu kowodwa ngesikhathi esisodwa?

Ngazizwa.... futhi ngesikhathi....

Kungani uNyasha ayezizwa ejabulile futhi ethukile ngesikhathi esisodwa?

- Ngoba kwakungokokuqala edlala eshashalazini.
- Ngoba wayefuna ngempela ukuba semdlalweni weshashalazi, kodwa kuyathusa ukuzama/ukwenza okuthile okokuqala.
- Ngoba wayejabulile ngokwenza kahle kodwa enovalo lokuthi angase angaphumeleli.



INDABA 2

UBANTU UZIZWA EDABUKILE

Indikimba: Sinemizwa



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda ukuthi uma omunye ezizwela edabukile, ikakhulukazi emva kokushiyelwa othandiweyo, indlela enhle kakhulu yokusiza, ukubonisa umusa, ukuthi “Ngiyadabuka” bese wesekela ngokulalela.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Uma omunye edlula emhlabeni, umzimba uyama ukusebenza futhi abakwazi ukubuya. Abantu abebebathanda bavama ukudabuka kakhulu.
- Usizi igama lokudabuka okujulile esikuzwayo uma omunye esimthandayo edlula emhlabeni.
- Abantu batshengisa ukudabuka ngezindlela ezihlukene. Abanye abantu bayakhala. Abanye bayathula kakhulu. Abanye balala kakhulu. Abanye abamamatheki isikhathi eside.
- Uma umngani edangele, akudingeki ngaso sonke isikhathi simjabulise. Kwesinye isikhathi okungcono kakhulu ongakusho ukuthi, “Ngiyadabuka” bese uhlala nabo besazizwela ukudabuka. Lokhu kungamsiza omunye angazizweli eyedwa, noma ngabe usadabukile.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho


- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
133. 1	“Mhlawumbe ngingenza uBantu ahleke uma ngimxoxela onke amahlanya ami amnandi!” kwakucabanga uKhumo. “Ngalokhu uzokhohlwa ngokuzizwa edabukile!” UKhumo wacabanga onke amahlanya akhe amnandi. Wawabhala phansi esiqeshini sephepha wabe esewafaka esikhwameni sakhe sesikole.	Ngingasho uKhumo ufuna ukusiza umngani akhohlwe ukuzizwa edangele. Ucabanga ukuhleka kungenza umngani wakhe azizwe engcono.
139, 1	NgoLwesihlanu ekuseni, uKhumo wafica uBantu esikoleni. “Ngidabukile ngokushona kukagogo wakho,” kwasho uKhumo. “Angazi ngingakusiza kanjani uzizwe ungcono. Kodwa ngingahlala nawe nje uma kuyilokho okufunayo. Futhi uma ufuna ukukhuluma ngendlela ozizwa udabuke ngayo, ngikhona ukukulalela,” kwasho uKhumo.	UKhumo walandela iseluleko sikanina. Ngingasho ngempela uyamkhathalela umngane wakhe, futhi ufuna ukumsiza azizwe engcono.

Umngane kaKhumo uBantu akezanga esikoleni ngoMsombuluko nangoLwesibili. UKhumo wazibuza ukuthi ukuphi umngane wakhe.



NgoLwesibili lapho uKhumo efika ekhaya evela esikoleni, unina wamtshela ukuthi ugogo kaBantu ushonile. UBantu wayelokhu ehlala nogogo wakhe. UKhumo wacabanga ngendlela uBantu ezwe ngayo ubuhlungu.

“Kufanele ngizame ukwenza umngane wami azizwe engcono,” kucabanga uKhumo. Wacabanga kaningi ukuthi yini angamenzela yona.



“Mhlawumbe ngingenza uBantu ukuthi ahleke ngokumxoxela wonke amahlaya ami amnandi!” kucabanga uKhumo. “Ngalokho uzokhohlwa ngokuzizwa edabukile!” UKhumo wacabanga ngamahlaya akhe amnandi. Wawabhala phansi ephepheni elincane wase ewafaka esikhwameni sakhe sesikole.



NgoLwesithathu ekuseni, uKhumo wathola uBantu esikoleni. UKhumo wacabanga ukuthi kungamzwise ubuhlungu uBantu ukukhuluma ngogogo wakhe. Ngakho uKhumo akazange asho lutho. Kunalokho, wakhipha iphepha lakhe wayeseqala etshela uBantu ngamahlaya akhe wonke. Emuva kwehlaya ngalinye, wayebheka ukuthi kuzoba nokumoyizela ebusweni bukaBantu. Kodwa, uBantu wayelokhu ebukeka edabukile.



NgoLwesithathu ebusuku, uKhumo wacabanga ngokunye angakwenza ukuze asize umngane wakhe azizwe engcono.

“Mhlawumbe ngingenza uBantu ukuthi akhohlwe ngokuthi uzwe ubuhlungu kangakanani uma ngingamkhombisa amaqhinga amasha okwenza imigilingwane ethile,” kucabanga uKhumo. “Ngalokho, uzokhohlwa ngabo bonke ubuhlungu!”

UKhumo wathola amawolintshi ekhishini. Waphumela nawo phandle wayesezilolonga ukushintshana ngawo ezandleni, waze wakwazi ukuwagcina womathathu emoyeni!



NgoLwesine ekuseni, uKhumo wathola uBantu esikoleni. UKhumo wacabanga ukuthi uBantu uzodabuka uma ekhuluma ngogogo wakhe. Ngakho uKhumo akazange asho lutho. Kunalokho, wakhapha amawolintshi wakhombisa uBantu amaqhinga akhe amasha. Wagcina amawolintshi womathathu emoyeni, ayecabanga ukuthi kwakumangalisa kakhulu. Wafuna ukubona ukumoyizela ebusweni bukaBantu. Kodwa, uBantu wayelokhu ebukeka edabukile.



Lapho uKhumo afika ekhaya ngoLwesine evela esikoleni, wayecasukile.

“Ngizame ngakho konke ukuthi ngenze uBantu angazizwa edabukile!” uKhumo etshela unina.

“Ngimxoxele amahlaya, ngamkhombisa amaqhinga ami avelele okushintshanisa izinto, kodwa akukho okusebenzayo!” kusho uKhumo.

“Umtshelile yini ukuthi ubuhlungu ngokushona kukagogo wakhe?” kubuza umama kaKhumo.

“Cha. Bengicabanga ukuthi kuzokwenza uBantu ezwe ubuhlungu kakhulu uma ngikhuluma ngogogo wakhe,” kuphendula uKhumo.



Umama kaKhumo wahlala eceleni kwakhe. “UBantu uzizwa edabukile ngoba ubethanda ugogo wakhe. Akufanele uzame ukumenza akhohlwe ngobuhlungu bakhe. Ngesinye isikhathi, uma sidabukile, simane sifuna abangane bethu ukuthi babe nathi, futhi basilalele,” kusho unina kaKhumo.




NgoLwesihlanu ekuseni, uKhumo wathola uBantu esikoleni.

“Ngidabukile ngokushona kukagogo wakho,” kusho uKhumo. “Angazi ukuthi ngingakusiza kanjani ukuthi uzizwe ungcono. Kodwa ngingahlala nawe uma kuyilokho okufunayo. Kodwa uma ufuna ukukhuluma ngokuthi uzizwa kanjani, ngikhona ukuze ngikulalele,” kusho uKhumo.



Kulo lonke isonto, kwakungokokuqala ukuthi uBantu abheke uKhumo bese emoyizela kancane.

“Ngiyabonga, Khumo. Ungumngane olungile,” kusho uBantu.





Funda 1

Kungani uBantu wayengekho esikoleni ngoMsombuluko nangoLwesibili?

Ngoba ugogo wakhe wayeshonile.

Wenzani uKhumo ngoLwesithathu ukuzama ukusiza umngane wakhe ukuthi azizwe engcono?

Watshela umngane wakhe amahlaya ukuze ahleke.

Ngubani owasiza uKhumo endabeni?

UKhumo wasizwa unina!

Kungani uKhumo axoxa ngamahlaya kanye namaqhinga okuphosa izinto emoyeni ngokushintshana?

- Ngoba wayefuna umngane wakhe uBantu ukuthi azizwe kangcono.
- Ngoba wayecabanga ukuthi amahlaya namaqhinga azokwenza uBantu akhohlwe ngokuzwa ubuhlungu.
- Ngoba wayekhathalela ukusiza umngane wakhe ukuthi azizwe engcono.
- Ngoba wayengazi ukuthi yini ezosiza umngane wakhe azizwe engcono. Wazama ngakho konke anakho!



Funda 2

UBantu wayengayile nini esikoleni?

NgoMsombuluko nangoLwesibili.

Wenzani uKhumo ukusiza umngane wakhe ukuthi azizwe engcono?

- Wamtshela amahlaya ahlekisayo
- Wafunda amaqhinga okuphonsa izinto emoyeni ngokushintshana.
- Ekugcineni, wathembisa ukulalela umngane wakhe!

Kungani siphetha ngokuthi uKhumo wayezizwa ekhungathekile ngoLwesine ebusuku?

- Ngoba wayengakwazi ukwenza umngane wakhe ukuthi azizwe engcono.
- Ngoba wayesebenza kanzima kodwa akukho ayekuzamile okwasebenza!
- Ngoba wayengazi ukuthi yini enye angayenza!

Kungani uBantu agcina esemoyizelela uKhumo?

- Ngoba uKhumo ekugcineni watshela uBantu ukuthi udabukile ngogogo wakhe.
- Ngoba uKhumo wathembisa uBantu ukuthi uzomlalela.
- Ngoba uKhumo akazange azame ukwenza uBantu ukuthi akhohlwe ngogogo wakhe.
- Ngoba uKhumo watshela uBantu ukuthi kulungile ukuthi azizwe edabukile.



INDABA 3

UZANDILE USEBENZISA I-INTANETHI

Indikimba: Sisebenzisa ubuchwepheshe



**Imininingwane
Yangaphambilini**

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda ubuchwepheshe, njenge-intanethi nomakhalekhukhwini, bungasisiza ukuthola ulwazi nokufunda izinto ezintsha uma sibusebenzisa ngokuhlakanipha.



**Amanye amaphuzu
okwabelana nabafundi
bakho**

- I-intanethi iyithuluzi elihlanganisa abantu nolwazi emhlabeni jikelele. Singafuna izimpendulo zemibuzo yethu ku-intanethi.
- Uma sifuna ukwazi okuthile, singabhala umbuzo kusithungatha-mininingwane (njenge-Google) bese sithola amavidiyo, izithombe, kanye nezindaba.
- Singafinyelela ku-intanethi ngekhompyutha noma ngefoni. Singaxhuma ku-intanethi ngokusebenzisa i-wifi noma idatha. Idatha ibiza imali futhi ivumela ifoni ixhume ku-intanethi.
- Ubuchwepheshe businika ulwazi, kodwa abukwazi ukusicabangela. Sisadinga ukufunda, ukuhlaziya nokwenza lokho esesikufundile.



Isu lokuqondisisa: Thola futhi ukhumbule imininingwane

- Kuyini: Ukufuna nokukhumbula imininingwane ebalulekile efana nabalingiswa, indawo yesigameko, nezehlakalo.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda kangcono ukuthi kwenzekeni endabeni nokugcina ulwazi olufundwayo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ukwazi ukuxoxa ngendaba futhi uqonde ukulandelana kwezehlakalo ngendlela.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
147, 2	“Ngingenza kanjani ukuthi amajikijolo ami akhula ngendlela efanele?” UZandile wazibuza.	Yini eyenza uZandile azibuze? Hawu! Uyazibuza imbewu ikhuliswa kanjani ngendlela.
150, 1	Ngalokho kuhlwa, udadewabo kaZandile omdala, uSonto, washayela ucingo eseGoli. Unina wanika uZandile ucingo. “Yiziphi izindaba ezintsha?” kubuza uSonto.	Ubani okhuluma noZandile efonini? Hawu! Ukhuluma noSonto udadewabo omdala efonini.

UZandile wayethanda amajikijolo, kodwa amajikijolo aye biza kakhulu ezitolo!

Ngelinye ilanga, umama kaZandile wayefuna izimbewu zethanga. Umama wazifuna lonke ishalofu elihlala izimbewu.

Kusenjalo uZandile wabona iphakethe lezimbewu zamajikijolo!

‘Mama, singayithenga le mbewu?’ ebuza.

Unina wabuka intengo yayo: R28. ‘Ewu! Ziyabiza!’ esho unina. Kodwa wanikina ikhanda lakhe, wayesethatha imbewu.



Ekhaya, unina kaZandile wanika uZandile iphakethe lembewu yamajikijolo. ‘Angikaze ngikutshale lokhu ngaphambili!’ kusho unina ‘Kuzofanele ufune ukuthi ungakutshala kanjani ngokufanele.’

‘Kodwa, bengicabanga ukuthi izitshalo ziyafana?’ kubuza uZandile.

‘Izitshalo ezahlukene zidinga izinto ezahlukene,’ kuchaza umama wakhe. ‘Ezinye izitshalo zidinga ilanga elincane. Ezinye izitshalo zidinga ilanga eliningi. Ezinye izitshalo zidinga amanzi amancane. Ezinye izitshalo zidinga amanzi amaningi!’



UZandile wayengafuni ukumosha imbewu yamajikijolo,
yayibiza kakhulu!

‘Ngingenza kanjani ukuthi amajikijolo ami akhula
kahle?’ uZandile ezibuza.



UZandile waya ngaphandle. Wabona umakhelwane wabo, uGogo Minah, ehlezi elangeni. ‘Sawubona gogo,’ esho.

‘Yebo, sawubona,’ kusho uGogo Minah.

‘Wake wawatshala amajikijolo ngaphambili?’ kubuza uZandile.

‘Cha, angikaze,’ esho uGogo Minah.



Ngakusasa ekuseni ngemva kokuphuma kwesonto, uZandile wabona umngane kadadewabo, uLindi. 'Sawubona Lindi,' esho uZandile.

'Sawubona Zandile,' kuphendula uLindi.

'Wake wawatshala yini amajikijolo ngaphambili?' kubuza uZandile.

'Cha, angikaze. Ngiyaxolisa!' esho uLindi.



Ngalokho kuhlwa, udadewabo kaZandile omdala, uSonto, washaya ucingo eseGoli. Umama wanika uZandile ucingo. ‘Yiziphi izindaba ezintsha?’ kubuza uSonto.

‘Akukho okungakho. Umama ungithengele iphakethe lembewu yamajikijolo! Ngifuna ukuwatshala, kodwa angazi ukuthi ngizowatshala kanjani,’ esho.

‘Ungathola yonke into ku-intanethi!’ kusho uSonto. ‘Sebenzisa ucingo lukamama,’ esho. ‘Ngizokuthumelela idatha.’



Ngalobo busuku, unina wavulela uZandile i-intanethi.
'USonto ukuthumelele idatha,' kusho unina wase enika
uZandile ucingo.

Ekhasini eliphezulu kwakubhalwe ukuthi 'Google'.


'Ngenze njani manje?' kubuza uZandile.

'Bhala lokho okufunayo lapho,' kuchaza unina.

UZandile wabhala ukuthi: Ngiwatshala kanjani
amajikijolo? Wayesechofoza inkinobho yokucinga.



Emuva kwemizuzwana embalwa, kwavela uhlu lwamavidiyo kanye nezihloko. UZandile wachofeza okuthi 'dlala' kuvidiyo.



Njengoba uZandile wayebheka ividiyo, wafunda izinto eziningi. Wafunda ukuthi izitshalo zamajikijolo zidinga amahora ayi-8 okukhanya kwelanga nsuku zonke.

Wafunda ukuthi izitshalo zidinga amanzi amaningi. Wafunda ukuthi kuzomele alinde amasonto ama-4 ngaphambi kokuthi athole izithelo.



Ngosuku olulandelayo ngemva kokuphuma kwesikole, uZandile waya ngaphandle nembewu yakhe.

Watshala imbewu endaweni eyayifinyelelwa yilanga egcekeni. Watshala imbewu phakathi kwezitsha, njengoba ayebone kwividiyo. Wachelela imbewu.

Wayengasakwazi ukulinda ukuvela kwezithelo!





Funda 1

Yini unina kaZandile amthengela yona esitolo?

Wamthengela iphakethe lembewu yamajikijolo.

Yini ayisebenzisa uZandile ukuze akwazi ukutshala imbewu yamajikijolo?

Wasebenzisa ucingo lukanina. Wasebenzisa i-Google. Wasebenzisa i-intanethi.

Yini uZandile ayifunda mayelana nokutshala amajikijolo?

- Wafunda ukuthi amajikijolo adinga amahora ayi-8 okukhanya kwelanga.
- Wafunda ukuthi lezi zitshalo zidinga amanzi amaningi.
- Wafunda ukuthi kumele alinde okungenani amasonto ama-4 ngaphambi kokuthi athole izithelo.

Wafunda kanjani uZandile ukutshala imbewu yamajikijolo?

- Wafuna kwi-intanethi.
- Udadewabo uSonto wamthumelela idatha ocingweni lukamama wakhe. Ngemva kwalokho, wasebenzisa i-intanethi.
- Wabukela ividiyo eyamkhombisa ukuthi itshalwa kanjani imbewu yamajikijolo.



Funda 2

Kungani umama kaZandile engakwazi ukumsiza ngokutshala amajikijolo?

Ngoba wayengakaze awatshale ngaphambili.

Kungani uZandile atshala imbewu phakathi kwezitsha?


Ngoba yilokho akubona kwividiyo ayeyibukele.

UZandile wayithola kanjani idatha ayisebenzisa kwi-intanethi?

Udadewabo wathumelela idatha ocingweni lukanina ukuze alusebenzise.

Kungani uZandile wayesebenzisa i-intanethi?

- Ngoba ufuna ukwazi ukutshala imbewu yamajikijolo.
- Ngoba akekho namunye owaziyo ukuthi imbewu yamajikijolo itshalwa kanjani.
- Ngoba ungafunda noma yini kwi-intanethi!



INDABA 4

USINAKHO USEBENZISA IZIKRINI

Indikimba: Sisebenzisa ubuchwepheshe



Iminingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda ukuthi ukuchitha isikhathi esiningi usebenzisa izikrini kungakuphuthisela ngokusemqoka nezikhathi zenjabulo nomndeni kanye nabangani. Kufanele sifunde ukwenza izinqumo eziphusile ngendlela esisebenzisa ngayo izikrini.



Isu lokuqondisisa: Qapha Ukuqonda

- Kuyini: Ukuhlola ukuthi uyakuqonda yini okufundayo, bese uyama uma kukhona okungacaci.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqaphela uma ungakuqondi kahle, bese ulungisa lokho ngokushesha.
- Kusiza kanjani: Kugcina umfundi ebambe iqhaza futhi kuthuthukisa ukuqondisisa ngokulungisa okungaqondakali ngesikhathi sokufunda.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ukuchitha isikhathi eside emafonini, kumathablethi, noma kumakhompyutha kungakwenza ungakwazi ukudlala, ukuzivocavoca, noma ukuchitha isikhathi nomndeni kanye nabangani.
- Ukusebenzisa ubuchwepheshe kakhulu kungakuphuthisela ngezinto ezimnandi ezenzeka bukhoma empilweni, ukukhuluma nabangani, noma ukusiza ekhaya.
- Imindeni yenza izinto ndawonye, njengokuxoxa ngosuku, ukudlala imidlalo, noma ukubhaka. Ukuhlanganyela kungajabulisa futhi kubalulekile ekuzizweni nixhumene. Ukungahlanganyeli kungasenza sizizwe sinomzwangedwa noma sibandlululekile.
- USinakho kufanele azikhethele phakathi kokusebenzisa ifoni noma ukuhlanganyela kokwenziwa umndeni. Sonke sifanele ukwenza izinqumo ezinje nsuku zonke.



Ukuze usebenzise leli su:


Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
159, 1	Uthe eqeda kungena ngomnyango ugogo kaSinakho emnyango, uSinakho wamcela umakhalekhukhwini wakhe.	Ake ngime ngicabange. Ugogo kaSinakho uqeda kufika bese into yokuqala uSinakho ayenzayo ukucela ifoni yakhe. Lokho kungitshela okuthize okubalulekile. Ujabule kakhulu ngenxa yefoni. Ake ngibone ngiyaqonda: Kubonakala sengathi uthathekile kakhulu ngefoni kunokubingelela noma ukukhuluma. Okunye kungaba semqoka emva kwendaba.
163, 1	“Sinakho, woza uzodlala – asihambe!” uSapho washo, ezama ukuvimba isikrini. “Badlala ngasithupha ingxenye ngayinye emgwaqeni futhi bayasidinga!”	Ake ngime futhi ngicabange. USapho ufuna ukudlala ngaphandle. Lokho kuzwakala njengento ejabulisayo, kodwa uSinakho akahlanganyeli. Ngiyamangala kungani. Ake ngibone ngiyakuqonda yini: Ngicabanga ugxile efonini. Akafuni ukudlala ngoba kunalokho usebenzisa ifoni.

Uthe eqeda kungena ngomnyango ugogo kaSinakho, uSinakho wacela umakhalekhukhwini wakhe. USinakho wacambalala esofeni, ebuka ividiyo emva kwevidiyo.



Ugogo nonina babezixoxela futhi behleka etafuleni.
“Woza uzongixoxela ngesonto lakho!” Ugogo wabiza uSinakho.

“Woza uzoxoxela ugogo usebenze kahle kanjani esivivinyweni sakho sesipelingi!” Unina wambiza.



USinakho wanikina ikhanda lakhe. “Hhayi! Angifuni ukukhuluma! Ngiyabukela!” washo, amehlo akhe egqolozele esikrinini.



Kwathi lapho ugogo ephelelwa amadatha,
uSinakho wancenga unina amdlalise umdlalo
kumakhalekhukhwini wakhe. Unina wavuma – kuzoba
isikhashana.





“Sinakho, woza sizodlala – asihambe!” kusho uSapho, ezama ukuvimba isikrini. “Badlala ngabayisithupha ingxenye ngayinye emgwaqeni futhi bayasidinga!”

USinakho wahwaqabala. “Gudluka! Uzongenzisa iphutha!” washo, kunenhlansana yokukhungatheka ephinjeni lakhe.



Ngesikhathi uyise efika ekhaya, uSinakho wamcela ukusebenzisa umakhalekhukhwini wakhe ukuWhatsApp umzala wakhe. Wavuma, emanqikanqika. USinakho wathumela umzala wakhe imilayezo embalwa wabe esegqolozela umakhalekhukhwini, elindele impendulo.



“Sekuzoba isikhathi sesidlo sakusihlwa!” Kwasho unina kaSinakho. “Ngiyacabanga kufanele sibhake amabhisikidi. Ukhona ongangisiza?” Unina wabuza.

“Imina!” kusho uSapho, egijima eya ekhishini.



USinakho akaphendulanga.



Esidlweni sakusihlwa, umndeni kaSinakho wabelana ngezikhathi ezimnandi zosuku. Unina wabaxoxela ngehlaya alitshelwe ugogo. USapho wabaxoxela ngegoli alishaya emgwaqeni.



Uyise wadla ibhisikidi wabe esencoma umama
noSapho ngendlela elimnandi ngayo. USinakho
walalela, waqaphela buthule akazange ahlanganye
kokuningi osukwini.



Esesegunjini lakhe, uSinakho wacabanga ngezikhathi zosuku ezimphuthele – ukuhleka nonina kanye nogogo, ukudlala ibhola nabangane bakhe, ukubhaka amabhisikidi.

“Kusasa ngizozama ukwenza okwehlukile,” wazinqumela.





Funda 1

Wacela ini uSinakho kugogo wakhe eqeda nje kufika?

Wacela uGogo ukuthi angasebenzisa umakhalekhukhwini wakhe.

USapho wabiza uSinakho ukuthi eze azokwenzani ngaphandle?

USapho wacela ukuthi uSinakho eze futhi azodlala naye kanye nezinye izingane emgwaqweni.

Singakanani isikhathi ocabanga ukuthi sikahle ongasichitha usebenzisa umakhalekhukhwini nsuku zonke?

Ngicabanga...

Isibonelo: Ngicabanga ukuthi isikhathi esifushane sanele, njengokuchitha isikhashana esincane ngemva kokuqeda umsebenzi wesikole, ukuze kube nesikhathi esisele sokudlala nokuxoxa nomndeni.

Ucabanga ukuthi kungani uSinakho engafuni ukuyeka ukusebenzisa umakhalekhukhwini?

Ngicabanga...

Isibonelo: Ngicabanga ukuthi uSinakho ujabulela ukubukela amavidyo nokudlala imidlalo. Angicabangi ukuthi uyacabanga ngazo zonke izinto ezimeqayo.



Funda 2

Yiziphi izinto uSinakho ezimeqayo osukwini?

- Ukuxoxa nokuhleka noGogo noNina.
- Ukudlala ibhola lezinyawo noSapho.
- Ukubhaka amabhisikidi nonina.
- Ukuchitha isikhathi nokuxhumana nabantu bomndeni wakhe.

Ukuziphatha kukaSinakho kube namuphi umthelela ebudlelwaneni bakhe nomndeni wakhe ngalolo suku?

- Ngoba uSinakho uchitha isikhathi esiningi sosuku esefonini, akahlanganyeli nomndeni wakhe. Uyazehlukanisa nabo bese eqiwa izikhathi ezikhethekile ababelana ngazo ndawonye.

Ucabanga ukuthi kungani uSinakho ethulile ngesidlo sakusihlwa?

- Ngicabanga ukuthi uSinakho uthulile ngesidlo sakusihlwa ngoba uzizwa evalelwe ngaphandle – akahlanganyelanga nabomndeni nabangani emisebenzini eyenzeka osukwini.
- Ngicabanga ukuthi uSinakho uthulile ngoba akanakho angabelana ngakho futhi uyabona ukuthi weqiwe okuningi.
- Ngicabanga ukuthi uSinakho uthulile ngoba umndeni wakhe uxhumana ngezinto ezijabulisayo abazenzile osukwini, kodwa uSinakho wayelokhu eyedwa emafonini usuku lonke.

Yimuphi umlayezo ocabanga ukuthi umbhali uzama ukusifundisa ngawo mayelana nokusebenzisa amafoni.

Ngicabanga...

Isibonelo: Ngicabanga ukuthi umbhali uzama ukusifundisa ukuthi kulungile ukusebenzisa amafoni isikhashana esincane, kodwa ukuchitha isikhathi esiningi ezikrinini kungasenza seqiwe isikhathi esibalulekile sokuba nomndeni nabangani.



INDABA 5

HLALA UPHEPHILE LESEGO!

Indikimba: Silandela imiyalelo



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda ukuthi ukulandela imiyalelo noma imithetho akulula njalo. Kwesinye isikhathi singezwa silingeka ukwephula imithetho. Kodwa-ke, imithetho yokuphepha eyenziwe abantu abasikhathalelayo imiselwe ukusivikela.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ezinye izindawo ziphephile ebantwaneni futhi ezinye aziphephile.
- Kwesinye isikhathi abantu abadala bayazi ngezinguzi izingane ezingenalwazi ngazo. Abazali nabanakekeli benza imithetho ephephisa izingane ezingozini.
- Ngesinye isikhathi sifuna okuthile (njengamaswidi), lokho kungenza kubenzima ukwenza izinqumo eziphephile. Ngesinye isikhathi siyawazi umthetho, kodwa sizwe silingeka ukuwephula.
- Ukuzizwela sethukile kusitshela okuthile okubalulekile. Kungaba uphawu lwesexwayiso. Ukwesaba akusibona ubuthakathaka – uma sikulalela, kungasisiza kusiphephise.



Isu lokuqondisisa: Buza Imibuzo / Zibuze

- Kuyini: Ukucabanga nokubuza imibuzo mayelana nendaba ngenkathi ufunda.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuhlala unentshisekelo nokuthola kabanzi njengoba ufunda.
- Kusiza kanjani: Kukugcina ubambe iqhaza futhi kukusiza ukuthi uqonde kangcono indaba.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
177, 1	ULesego wacabanga ngokubiza uMapule ahambe naye. Kodwa, wayengathandi ukwabelana nodadewabo ngemali yamaswidi!	ULesego uyazi akufanele abeyedwa, futhi uyazi akufanele abeseduze neshibhini. Ngizibuza uLesego uzolandela imithetho kanina, noma engekho na?
180, 1	Kuthe uma ebona ishibini, wagijima ngomhume omncane ukungena esitolo. Waqonda etafuleni. “Ngizolandela uMnu. Bhengu ukudla kwakhe,” esho uLesego ebanikeza imali.	Ngizibuza umama kaLesego ubezozizwela kanjani uma ebona uLesego eyedwa ngaseshibhini?

Ngomunye uMgqibelo ekuseni, unina kaLesego waya ukuyovakashela umngane wakhe. Wavalelisa kuLesego noMapule, wabagona wathi, “Niphephe, khumbulani, kufanele nihlale ndawonye usuku lonke. Uma niya ezitolo kufanele nihambe ngomgwaqo – hhayi emihumeni phakathi kwezindlu! Ningasondeli eshibhini!”



Emini ngalo lelo langa, uMnu. Bhengu, umakhelwane kaLesego, wambiza. Wakhapha imali. “Ngicela ungiyele esitolo esingemuva kweshibhini uyongithengela inyama nephalishi,” kusho yena, “ungazithengela amaswidi nawe endleleni.”



ULesego wayecabanga ukuthi angacela uMapule ukuba ahambe naye. Wayengafuni ukunika udadewabo imali yamaswidi!




Kwase kuhwalala, kodwa uLesego wacabanga ukuthi uma angasheshe ahambe, angabuya engakabuyi unina. Unina wayengeke azi ngalokhu. ULesego wathatha imali kuMnu. Bhengu. “Sengibashayele ucingo esitolo. Ukudla kwami kuzobe sekulungile uma ufika khona!” kusho uMnu. Bhengu, emoyizela.



ULesego wafaka imali ephaketheni, wagijima elibangise esitolo. Unina wayemxwayisile ngokuthi kufanele ahambe ngomgwaqo uma eya esitolo. Kodwa kwakuzoshesha uma ehamba ngasemihumeni; uzofika ekhaya engakabuyi unina. Wayengeke azi ngalokhu.




Kuthe uma ebona ishibhini, wagijima ngomhume omncane ongenela esitolo. Wayeseya etafuleni lokukhokha. “Ngizolandela uMnu. Bhengu ukudla kwakhe,” esho uLesego ebanikeza imali.



Ngenkathi uLesego esephindela emuva, kwakukhona amadoda amathathu emi ngasemhumeni oncane. Babembuka. Wazizwa esaba. “Sengiyabona manje ukuthi kungani umama ethe ngingayi eshibhini,” ecabanga.




ULezego wazithengela amaswidi ngoshintshi. Kwase kuzohwalala.



Wazama ukugijima phakathi kwemihume, ezama ukufika kubo kungakahlwi, engakabuyi unina. Njengoba egijima, wabizwa omunye umfana, “Yiza lapha wena ntombazane! Woza uzokhuluma nami!” kusho umfana. ULesego wazizwa esaba kakhulu.

“Ngiyabona manje ukuthi kungani umama angitshele ukuthi ngingahambi phakathi kwemihume,” ecabanga, egijima kakhulu.



Ekugcineni, wafika kubo, uMnu. Bhengu emlindle.
“Ingabe umama usebuyile yini ekhaya? Umbonile yini?” kubuza uLesego ngokwesaba.

“Cha, bengingakamboni,” kusho uMnu. Bhengu.
ULesego waphefumula ngokukhululeka.



Ngenkathi uLesego ehlezi esitubhini kubo edla
amaswidi akhe, wathatha isinqumo sokuthi ngeke
aphinde asondele noma agijime emihumeni.





Funda 1

UMnu. Bhengu wacela ukuba aye kuphi uLesego?

Wacela ukuba aye esitolo esingemva kweshibhi ukuyomlandela ukudla.

Unina kaLesego wayemxwayise ngokuthi angayi kuphi?

Wamxwayisa ngokuthi angahambi ngemihume noma eduze kwaseshibhini.

Kungani uLesego aya eshibhini, ngisho noma unina ayemxwayise ngokuthi angayi?

- Ngoba wayengacabangi ukuthi kukhona into embi engenzeka.
- Ngoba wayefuna ukuthola amaswidi.
- Ngoba uMnu. Bhengu wacela ukuba amlandele ukudla kwakhe esitolo.
- Ngoba wacabanga ukuthi unina wayengeke azi ngalokhu.



Funda 2

ULesego wazithengelaphi amaswidi?

Wathenga amaswidi esitolo.

Yini anquma ukuyenza uLesego ekugcineni kwendaba?

Wanquma ukuthi ngeke aphinde aye eduze naseshibhini noma agijime emihubeni.

Kungani uLesego anquma ukuthi angeke aphinde aye eduze naseshibhini noma agijime emihubeni?

- Ngoba wazizwa ethuke kakhulu ngenkathi eseduze naseshibhini.
- Ngoba wazizwa ethuke kakhulu ngenkathi egijima emihubeni eya kubo.
- Ngoba uyabona ukuthi bekungenzeka into embi kakhulu kuyena.

INDABA 6

UVUSI NOSEBE

LOMFULA

Indikimba: Silandela imiyalelo



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Indaba izosiza abafundi bakho ukubona isibindi sangempela sisho ukukhetha ngokuphephile nokulalela izexwayiso, noma abanye bekuphonsela inselelo engakubeka engcupheni.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ingaphansi lomfula inhlabathi lapho umfula ugeleza khona. Ngesinye isikhathi, liyoma lingabi namanzi. Ngesinye isikhathi liba namanzi amancane. Emva kwezimvula ezinamandla, lingagcwala masinyane bese liba yingozi. Uma lina kakhulu, amanzi agobhozela emifuleni. Umfudlana ungaphenduka umfula omkhulu nonamandla.
- Amanzi agobhozayo angaba namandla kakhulu. Angabagingqa phansi abantu futhi abakhukhule, noma engabukeki ejulile. Amadwala emifuleni angashelela, futhi kungaba lula ukuwa.
- Ngesinye isikhathi abantu badidwa ukuba nesibindi nokungesabi. Kodwa abantu abanesibindi bangazizwela besaba. Ukuba nesibindi akusho ukungayinaki ingozi.
- Abantu abadala bavamile ukuxwayisa izingane ngezindawo ezinobungozi. Imithetho ngokuziqhelelanisa nezindawo ezinobungozi imiselwe ukusigcina siphephile, hhayi ukona injabulo yethu.
- Le ndaba inohlaka oluziphindayo abafundi abangakhuthazwa baluqaphela: Abangani bakaVusi bamphonsela inselelo, wasizwa isexwayiso sikadadewabo kodwa wasishaya indiva, isimo saba nobungozi kakhulu.




Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
193, 1	Ngosuku olulandelayo, uVusi wahamba eduzane nosebe lomfula. Kodwa kwase kungelona usebe lomfula futhi - kwase kuwumfudlana omncane ogelezayo.	Ngiyakhumbula kwakunamaconsi emvula eshaya okhakhayini lukaVusi. Ngingasho yingakho usebe lomfula olomile seluphenduke umfudlana omcane - ngenxa yemvula.
196, 2	UVusi wahlaba ikhefu kancane. UVusi wacabangisisa. Wayelizwa iphimbo likadadewabo omdala ekhanda lakhe: “Ungadlaleli eduze kosebe lomfula. Angeke wazi ungakhukhuleka nini.”	Ngingasho uVusi useqala ukuzizwa engenasiqiniseko noma ethukile, ngoba wama kancane, wacabangisisa, wayesekhumbula isexwayiso sikadadewabo.

UVusi wayenesibindi. UVusi wayengesabi lutho,
wayethanda ukuziqhayisa ngokuthi akesabi lutho.

Uma abangane bakaVusi bemhlokoloza ukuthi eqe
endaweni ende ye-jungle gym, wayengangabazi.

Uma abangane bakaVusi bethi makagibele esihlahleni
eside kunazo zonke, wayengacabangisisi.



Ngolunye usuku, abangane bakaVusi bathi
makahambe osebeni lomfula. UVusi wahlaba ikhefu.
UVusi wacabangisisa.

Wayekhumbula amazwi kadadewabo omdala:
“Ungadlali eduze kosebe lomfula. Ngeke wazi ukuthi
uzokhukhuleka nini.”





Kodwa uVusi wayenesibindi. UVusi wayeyidelangozi. Wayezizwa engesabi osebeni lomfula ongenamanzi.

UVusi wahamba ngokuzethemba waya ngaphesheya komfula. Uma efika ekugcineni, wahamba ngokuzethemba okukhulu ngenkathi ebuyela emuva. “Bheka!” esho ngeqholo, “akukho into ethusayo ngosebe lomfula!”

Ngalobo busuku, uVusi ulele embhedeni wayelalele amaconsi emvula ethela ophahleni lwakhe lukathayela. “Ngiyazibuza ukuthi yini eyingozi ngosebe lomfula?” ecabanga.



Ngosuku olulandelayo, uVusi wahamba osebeni lomfula. Kodwa kwakungaselona usebe lomfula owomile – kwakuwumfudlana omncane ogobhozayo.

Abangani bakaVusi bamhlokoloza ukuthi ahambe emfudlaneni omncane. UVusi wahlaba ikhefu kancane. UVusi wacabangisisa.

Wayekhumbula amazwi kadadewabo omdala:
“Ungadlali eduze nosebe lomfula. Angeke wazi ukuthi umfula uzokhukhula nini.”




Kodwa uVusi wayenesibindi. UVusi wayeyidelangozi. Wazizwa enokwesaba amanzi asosebeni lomfula, kodwa wayengafuni ukuthi kubonakale.

UVusi wahamba ngokushesha phakathi komfudlana omncane. Uma efika ekugcineni, wabuye waphindela ngaphesheya futhi. “Bona!” kwasho yena, ngeqholo elikhulu, “akukho okwethusayo ngalo mfudlana omncane kangaka!”



Ngalobo busuku, uVusi wayelele elalele amaconsi emvula ewela ophahleni lukathayela. Wayelalele ukuduma okwakunamandla. “Ngiyazibuza ukuthi yini eyingozi ngomfudlana omncane ogobhozayo?” ecabanga.



Ngosuku olulandelayo, uVusi wahamba ngasosebeni lomfudlana omcane owawugobhoza. Kodwa kukungasewona umfudlana omncane owawugobhoza – kwase kuwumfula ogcwele ogelezayo.


Abangane bakaVusi bamhlokoloza ukuthi awele emfuleni ogcwele, owawugeleza. UVusi wacabangisisa.

Wakhumbula amazwi kadadewabo omdala: “Ungadlali osebeni lomfula. Awazi ukuthi uzokhukhuleka nini.”




Kodwa uVusi wayenesibindi. UVusi wayeyidelangozi. Wezwa ewesaba amanzi asosebeni lomfula, kodwa wayengafuni ukuthi kubonakale.

UVusi wagijima ngesivinini esikhulu emfuleni owawugeleza. Ngenkathi efika ekugcineni kwawo, wagijimela ngaphesheya futhi.



Kodwa ngaphambi kokuthi afike osebeni lomfula, izinyawo zakhe zanyathela ematsheni ashelelayo. Wawela emanzini agcwele, agelezayo. Umfula waqala wamkhukhula.

“Sizani!” kumemeza uVusi. Wayesengenandaba nokuthi abangane bakhe bayambona ukuthi uyesaba manje. UVusi wazama ukunyakaza ngokushesha eya ngasogwini lomfula.



Abangane bakhe bagijimela osebeni lomfula.
Umngane wakhe uMichael wangena emfuleni
ogcwele ogelezayo futhi wakwazi ukubamba isandla
sakhe. UMichael wamdonsela ngaphandle kwamanzi
wambeka ngasogwini lomfula.

UVusi waya kubo emanzi nte futhi ethukile.



Ngalobo busuku, uVusi wayelele embhedeni. “Ngiyazi ukuthi yini ethusayo ngomfula ogcwele ogelezayo,” ecabanga, “Kungenzeka ukuthi ngibe nesibindi futhi ngiyidelangozi, kodwa ngeke ngiphinde ngidlalele eduze nosebe lomfula!”





Funda 1

Yisiphi isixwayiso uVusi asinikezwa udadewabo?

Wamxwayisa ukuthi angadlaleli osebeni lomfula, ngoba kungenzeka akhukhuleke.

Usebe lomfula ongenamanzi waphenduka waba yini?

Waphenduka waba umfula ogcwele, ogelezayo.

Ucabanga ukuthi kungani udadewabo kaVusi amxwayisa ngokuthi angadlaleli osebeni lomfula?

- Ngoba wayazi ukuthi imvula ingenza ukuthi umfula ongenamanzi ube umfudlana noma umfula ogcwele.
- Ngoba uyazi ukuthi ngenye inkathi uyathanda ukwenza izinto eziyingozi.
- Ngoba uyazi ukuthi uVusi akakwazi ukubhukuda.
- Ngoba uyazi ukuthi kungenzeka ukuthi uVusi akhukhuleke uma umfula ugcwele futhi unamandla kakhulu.



Funda 2

Yiziphi izinto ezibonisa isibindi nobudelangozi uVusi azenza?

- Wake wagxuma endaweni ephakeme kakhulu ye-jungle gym.
- Wake wagibela esihlahleni eside kunazo zonke.

Ucabanga ukuthi uVusi uyobuye adlalele osebeni lomfula futhi? Kungani usho njalo / kungani ungasho kanjalo?

Ngicabanga ... ngoba...

Ucabanga ukuthi uVusi wafunda siphi isifundo ngalelo langa?

Ngicabanga ukuthi uVusi ufunde ... ngoba...

Isibonelo: Ngicabanga ukuthi uVusi wafunda ukuthi angabodlalela emfuleni owomile ngoba ungaguquka ube umfula onamandla ngokuphazima kweso.



INDABA 7

IBHULASHI

LOKUPENDA

Indikimba: Singamaciko



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda ubuhlakani bumayelana nokuzama imibono emisha, ukuzama amathuluzi ahlukene, nokusebenzisa umcabango ukuxazulula izinkinga noma ukwenza okwehlukile.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.




Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Iciko lezandla umuntu osebenzisa upende, amapensela, noma amanye amathuluzi ukwenza izinto zobuciko. Amaciko ayakwazi ukuzisungulela izinto ngokusebenzisa izinto ezingejwayelekile ukwenza izinto zobuciko.
- Ukuzisungulela izinto zobuciko, kusho ukuzama izinto ezintsha. Kwesinye isikhathi, kufanele ucabange ngokwehlukile futhi uzame ezinye izindlela zokusungula into ekhethekile.
- Ukubona izinto zobuciko kungenza abantu bajabule, babe nemibuzo, noma bakhuthazeke ukwenza izinto zabo zobuciko.
- Ubuciko bumayelana nokwenza izinto ngendlela yakho. Ayikho indlela eyiyona yokwenza ubuciko. Ukusungula izinto kusho ukusebenzisa iso lengqondo nokwenza izinqumo zakho.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
205, 4	Into eyodwa uBohlale ayengacabanga ngayo, isithombe esisha esisobondeni.	Ngingasho uBohlale umangazwe isithombe ngoba akayeki ukucabanga ngaso!
211, 1	Emva kwesidlo sakusihlwa, uBohlale wagqolozela isithombe. Wagqolozela iphepha. UBohlale wabe eseba necebo. Wafaka umunwe wakhe kupende. Waqala wapenda ngomunwe wakhe. Wabe esependa ngeqabunga elibomvu. Yonke into yaphenduka ibhulashi lokupenda.	Ngingasho uBohlale unobuciko, ngoba wabona ukuthi angakwazi ukusebenzisa ezinye izinto ukupenda ngazo - emva kwakho konke ubengalidingi ibhulashi lokupenda!



UBohlale wangena ekilasini lakhe.
Kwakukhona iphosta elisha
odongeni. Lalikhombisa umdwebo
ogqamile. UBohlale wagqolozela
umdwebo. Wayemangele.

Ezikhathini eziningi uBohlale
wayethanda ukulalela ngesikhathi
sokufunda ngokuhlanganyela.
Kodwa namhlanje akakwenzi lokho;
uzibukela umdwebo.

Esikhathini esiningi, uBohlale
uthanda ukubala. Kodwa,
ngesikhathi sesifundo sezibalo,
wayengabali nabanye.

Into eyodwa ayecabanga ngayo
uBohlale kwakungumdwebo
owawusodongeni.



Ngenkathi insimbi ikhala, uNkz. Mabaso wakhapha abafundi ukuze baye ekhefini.

“Bohlale ngicela uzongibona!” kusho uNkz. Mabaso.

“Ngiyabona ukuthi uyathanda ukupenda,” kusho uNkz. Mabaso. “Mhlawumbe ungakuthanda lokhu!” uNkz. Mabaso wanikeza uBohlale incwadi.



USiya wayelinde uBohlale ngaphandle.

“Bheka!” kusho uBohlale.

UBohlale wavula incwadi. Ikhasi ngalinye lalikhombisa umdwebo omusha, neminye imidwebo emihle.

UBohlale wayemangele.

UKoki wacela uBohlale ukuba azodlala naye ingqathu.

“Angizukwazi namhlanje” kuphendula uBohlale.



Ngenkathi uBohlale efika ekhaya, wathola ibhokisi lakhe likapende elidala. Kodwa ngenkathi elivula, lalingekho ibhulashi lakhe lokupenda. Wabheka edeskini lakhe. Wabheka nakubhasikidi wakhe wamathoyizi. Akazange alithole ndawo ibhulashi lokupenda.




UBohlale waya ukuyodlala ngaphandle. Wathola icembe elibomvu. Wathola isivalo sebhodlela esicwebezelayo.

Uyise kaBohlale waphumela ngaphandle.

“Bheka ngitholeni!” kusho yena.

“Wawu!” kusho uyise, “buya uzodla isidlo sakusihlwa.”



Emuva kwesidlo sakusihlwa, uBohlale wagqolozela umdwebo. Wagqolozela iphepha. Kusenjalo uBohlale waba necebo. Wafaka umunwe wakhe kupende. Waqala ukupenda ngomunwe wakhe. Wayesependa ngeqabunga elibomvu. Yonke into yaba ibhulashi lokupenda!



UBohlale wapenda isikhathi eside, kwaze kwafika uyise wakhe ekamelweni lakhe.

“Sekuyisikhathi sokulala,” kusho uyise.

“Buka!” kusho uBohlale.

“Wawu! Ungumdwebi ngempela,” kusho uyise, ebheke imidwebo yakhe.



Ngakusasa, uBohlale wakhetha umdwebo wakhe ayewuthanda kakhulu wawufaka esikhwameni sakhe sezincwadi.

“Ngizohamba kusenesikhathi,” etshela unina.

UBohlale wavula umnyango wasekilasini. UNkz. Mabaso wayezilungiselela umsebenzi wosuku.

UBohlale wakhipha umdwebo esikhwameni sakhe sesikole.

“Lokhu okwakho,” kusho yena.

“Wawu!” kusho uNkz. Mabaso.

“Mhlawumbe ngolunye usuku imidwebo yakho iyofakwa encwadini.



Ngenkathi insimbi ikhala, uBohlale wangena ekilasini. Ezinye izingane zazigqolozele okuthile okusodongeni. uBohlale wabhekisisa eduze – kwakungumdwebo wakhe!

“Ngifuna ukupenda kanjena!” Wezwa kusho enye ingane.

UBohlale wayengasakwazi ukulinda ukuphumela ngaphandle ukuze athole izinto ezintsha azozipenda.





Funda 1

Yini eyabonwa uBohlale odongeni?

UBohlale wabona iphosta / umdwebo odongeni.

Yini uBohlale ayeyifuna endlini kubo?

Wayefuna ukuthola ibhulashi lokupenda.

Wagcina esebenzisani uBohlale ukuze apende?

Iminwe yakhe, icembe kanye nesivalo sebhodlela.

Kungani uBohlale anikeza uNkz. Mabaso umdwebo?

- Ngoba wayefuna ukubonga uNkz. Mabaso ngokumnikeza incwadi.
- UNkz. Mabaso waba nomusa kuBohlale ngakho wayefuna ukumupha isipho.
- UBohlale wayefuna ukukhombisa uNkz. Mabaso ukuthi naye angakwazi ukupenda isithombe.



Funda 2

UBohlale akazange alithole ibhulashi lakhe lokupenda ayelifuna. Uzizwa kanjani uma ungayitholi into oyifunayo?

Impendulo evulelekile. Abafundi bangazizwa becasukile, bejabhile, bekhungathekile.

Wazizwa kanjani uBohlale ngenkathi uNkz. Mabaso ephanyeka umdwebo wakhe odongeni?

Uzizwa eziqhenya.

Kungani uBohlale efuna ukupenda?

Ngoba ubona iphosta odongeni kanye nemidwebo encwadini evela kuNkz. Mabaso. Ufuna ukwenza imidwebo efana nalena ayibonayo.

Kungani uBohlale ejabulele ukuya ngaphandle ukuze athole izinto ezintsha azopenda ngazo?

- Ngoba ufuna ukuthola izinto ezintsha azopenda ngazo.
- Ngoba uzizwa eziqhenya ngemidwebo yakhe. Uzizwa ejabulele ukwenza eminye imidwebo.
- Ngoba kumnandi ukupenda ngezinto ezahlukene.
- Ngoba ufuna ukuzama ukupenda ngezinto ezahlukahlukene ezintsha.
- Ngoba kwakumnandi kakhulu ngenkathi ependa. Ufuna ukupenda okuningi.
- Uyathanda ukusungula izinto nokupenda ngezinto ezahlukahlukene ezintsha.
- Mhlawumbe ufuna ukwenzela uNkz. Mabaso umdwebo omusha azowuphanyeka odongeni.



INDABA 8

INDODANA

EHLAKANIPHILE

Indikimba: Singamaciko



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda ukuthi ukucabanga ngokucophelela kanye nokuhlela kungabaluleka njengokusebenza kanzima uma uxazulula izinkinga.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ukusebenza kanzima kusho ukufaka umzamo othe xaxa. Ukuhlela kusho ukucabanga ngokucophelela ngaphambi kokwenza okuthile.
- Ngokuvamile kunezindlela ezevile kweyodwa zokuxazulula inkinga. Ukuxazulula izinkinga, ukucabanga sakusungula nangobuhlakani, nakho kungabaluleka njengamandla omzimba.
- Ubuciko abusikho ukudweba noma ukupenda izithombe kuphela. Ubuciko bungaba ukucabanga ngezindlela ezintsha noma ezehlukile zokuxazulula izinkinga.
- Cabanga ngegama 'ukugcwalisa'. Kusho ukuthini 'ukugcwalisa' into?



Isu lokuqondisisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokokwakho bese uqonde indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
224, 2	Yanquma uzozama ukugcwalisa inqolobane ngesihlabathi. Yagcwalisa ingolovane emva kwengolovane ngesihlabathi esisuka kwingaphansi lomfula. Wasebenza kanzima, kodwa ngosuku lwesihlanu, inqolobane yayingakabi naphakathi nendawo nokugcwala.	Ngokubona kwakho ingumuntu onjani indodana yokuqala? Ngiyibona isebenza kanzima.
229, 1	Ngenkathi kuba mnyama ngosuku lwesihlanu, indodana encane yabizela uyise enqolobaneni. Esikhwameni sakhe esincane, wakhipha ikhandlela elikhulu walibeka phansi maphakathi nenqolobane. Wakhanyisa ikhandlela, egcwalisa inqolobane yonke ngokukhanya.	Ngokubona kwakho, ingumuntu onjani indodana encane? Ngiyibona icabanga ngobuchule, ngoba yenza izinto ngendlela ehlukile kumfowabo omdala.

UMpumi nodadewabo babethanda ukuvakashela ugogo wabo esigodini saseZinyoka ngamaholide asebusika. Ebusuku, ugogo wayebasa umlilo omkhulu ngaphandle, bese bonke behlala bazungeze umlilo, baphuze itiye bothe umlilo.




Ngobunye ubusuku obukhethekile, uMalume Kwezi wafika. Emndenini wabo, waziwa ngokulanda izinganekwane ezimnandi kakhulu. Kodwa, uyindoda ethule kakhulu, ngakho bekwaziwa ukuthi akaxoxelani ngazo kalula nje.

UMpumi nodadewabo bambuka uMalume Kwezi ethule ephuza itiye lakhe. Kodwa uMpumi akakwazanga ukuzibamba.

“Ngiyacela, siza, usixoxele inganekwane! Sizwa ukuthi ezakho zingcono kakhulu!” wancenga umalume wakhe.

UMalume Kwezi wabuka phezulu, emangele. Wamamatheka ebheka uMpumi.

“Ngizokuxoxela inganekwane yami engiyithandayo, ngoba nivakashile nibuya kude,” wavuma.



Kwasukasukela, kwakunomlimi omdala owayenamadodana amathathu. Wayesegula futhi ebuthakathaka, ngakho kwafuneka ukuba anqume ukuthi iyiphi indodana ezosala nepulazi lakhe uma eseshonile. “Ukulima kudinga ukucabangisisa nokuhlela,” ecabanga. “Kufanele ngilishiye kunoma yimuphi wamadodana ami ocabanga ngokucophelela nohlelayo.”



Umlimi omdala wabizela amadodana akhe amathathu enqolobaneni ngenye intambama.

“Uma ngingasekho omunye wenu uzothola leli pulazi,” watshela amadodana akhe, “bese kuba ngumsebenzi wakhe ukunakekela abafowabo. Kufanele nginqume ukuthi ngubani kini olungele ukunakekela ipulazi uma ngingasekho.”

Amadodana abhekana, bezibuza ukuthi ngubani okufanele athole ipulazi.




“Niyayibona le nqolobane enkulu?” kubuza umlimi omdala. “Ngamunye wenu unezinsuku ezinhlanu zokuyigcwalisa nganoma yini eniyikhethayo. Ufanele uyigcwalise yonke le nqolobane ngesikhathi esiyizinsuku ezinhlanu.”



Indodana enkulu
yalinga kuqala.



Yanquma ukugcwalisa
inqolobane ngenhlabathi.
Yagcwalisa ingolovane
nengolovane ngenhlabathi
yasogwini lomfula.
Yasebenza kanzima,
kodwa ngosuku lwesihlanu,
inqolobane yayingakafiki
ngisho nasengxenyeni
ukugcwala.



Indodana ephakathi yalandela ukuzozama.
Yakhetha ukugcwalisa inqolobane ngommbila.
Yathwala ngezandla ezigcwele esinye emva kwesinye
ummbila osuka emasimini enqolobaneni. Yasebenza
ngokuzimisela, kodwa ngosuku lwesihlanu, inqolobane
yayingakafiki ngisho nasengxenye ukugcwala!



Indodana encane yayingeyokugcina ukuzama umsebenzi. Yaqeda lonke usuku lwayo lokuqala ihlezi emthunzini phansi kwesihlahla, icabanga.

“Uyivila elikhulu!” umfowabo omdala ecabanga.

“Nginesiqiniseko sokuthi ngizolithola ipulazi!”

Ngosuku lwesibili umfowabo omncane waphinde wahlala, efunda futhi ecabanga ngokuthi uzokwenza njani.

“Akanakekeli!” umfowabo ophakathi ecabanga.

“Nginesiqiniseko sokuthi ngizolithola ipulazi!”


Ngosuku lwesithathu, umfowabo omncane wahlala nencwadi yokubhala, ecabanga futhi ehlela ukuthi uzokwenza njani.

“Akasebenzi kanzima!” kusho uyise ecabanga.

“Angeke enze lutho!”



Ngosuku lwesine, umfowabo wahamba ekuseni waya edolobheni. Wabuya ngalobo busuku nesikhwanyana esincane. Ngaleso sikhathi, umndeni wakhe wakholwa ukuthi akanandaba nokuthola ipulazi.



Ngosuku lwesihlanu, uyise ekugcineni wakhuluma naye, “Kungani ungenzi lutho? Uyangiphoxa!” ememeza.

“Cha baba! Ngiyakuncenga ngethembe. Nginecebo elihle!”



Ngenkathi kuba mnyama ngosuku lwesihlanu, umfowabo omncane wabizela ubaba wakhe enqolobaneni. Esikhwameni sakhe esincane, wakhipha ikhandlela elikhulu walibeka phansi phakathi nenqolobane. Wakhanyisa ikhandlela, kwaba nokukhanya enqolobaneni yonke.

Uyise waqalaza nxazonke emangele. “Uhlakaniphile kakhulu. Nguwe wedwa ogcwalise inqolobane. Ipulazi lizokuba ngelakho!”



UMalume Kwezi wabuka uMpumi nodadewabo.
“Niyabona manje – ukusebenza nzima kubalulekile,
kodwa kufanele futhi ube ngumhleli ocophelelayo!”





Funda 1

Indodana enkulu yazama ukuyigcwalisa ngani inqolobane?

Indodana endala yazama ukugcwalisa inqolobane ngenhlabathi.

Indodana yesibili yazama ukuyigcwalisa ngani inqolobane?

Indodana yesibili yazama ukugcwalisa inqolobane ngommbila.

Kungani indodana yesithathu yathola ipulazi?

- Kungoba yiyo yodwa indodana eyagcwalisa inqolobane.
- Kungoba yagcwalisa yonke inqolobane ngokukhanya.
- Kungoba yaba nesu elihle.
- Kungoba yaba nesu elingcono kunabafowabo.
- Kungoba yayihlakaniphe kakhulu.



Funda 2

Iyiphi inselelo uyise ayinikeza amadodana akhe?

Waphosela amadodana akhe inselelo yokugcwalisa inqolobane ezinsukwini ezi-5.

Ucabanga ukuthi indodana encane yayenzani ngesikhathi ihleli futhi icabanga usuku nosuku.

Ngicabanga ukuthi yayi...

Isibonelo: Ngicabanga ukuthi wayezama ukucabanga indlela entsha nenobuciko yokugcwalisa inqolobane.

Uyavumelana yini nesinqumo sikayise sokunikeza indodana encane ipulazi?

Chaza umbono wakho.

- Yebo ngiyavumelana nesinqumo sikayise ngoba...
- Cha angivumelani nesinqumo sikayise ngoba...



